

BHEKANI

Uyeza

Mayelana Nalolushicilelo

Kunezinhlalo eziningi ezahlukeni zamabandla (izinkonzo) lapha emhlabeni, zonke ziqinisekisa ukuthi ziyakholwa futhi zifundisa iBhayibheli. Izinkonzo zonke zinezimfundiso ezahlukeni, futhi zonke zifundisa ngezimfundiso ezize nabantu, amasiko (human traditions).

Inhlangano yamabandla emhlabeni jikelele (world council of churches) kanye nezinye izinhlangano zezinkonzo, zisebenze iminyaka ekuhlenganiseni zonke izinkonzo ukuze zifinyelele ekukholelweni entweni eyodwa.

Kuze kube namuhla lemisamo ayiphumelelanga. Mfundi othandekayo, lencwadi enikezelwe izokunceda ekuthatheni isinqumo esifanele empilweni, uzolungiselelwa ingunaphakade elizayo elizoletwa masinyane ukubuya kwesibili kukaJesu Krestu iNkosi yethu.

Ukubaluleka Kokufunda Ibhayibheli

IBhayibheli liqukethe ubufakazi ngokwalo ukuthi livela kuNkulunkulu. Ayikho incwadi engaphendula imibuzo esengqondweni noma engenelisa ukulungiselela kwenhliziyo njengeBhayibheli. Lingafundwa uwonkewonke, kusukela komncane ukuya komdala, kunoma ngabe isiphi isimo. Ligcwele ulwazi oluletha ukukhanya ezingqondweni zethu kanye nokungcweliseka komphfumulo.

Ebhayibhelini sambulelwa ngoNkulunkulu ophilayo. Kwamukele lokhu ngokukholwa kunamandla okuguqula impilo. Eminyakeni yonke eyedlule isandla soMdali esinamandla siye salisibekela kuze kube manje.

Emhlabeni namuhla sinikeziwe izwi likaNkulunkulu, elinikezela umlayezo wevangeli kuzizwe ngezizwe, ukuphela kokubusa kwesono nokubuya kweNkosi.

“Ngakho –ke Lelivangeli lombuso liyakushunyayelwa ezweni lonke, kube ubufakazi ezizweni zonke andukuba kube ukuphela.” NgokukaMathewu 24:14.

Njengomqondisi ibhayibheli

alinandluzula, linikeza ukuthula ekukholweni, nokuqiniseka ekuthembeleni kwingomuso. Lixazulula izinkinga zempilo, liyasikhuthaza ekuphileni impilo ehlanzekile, enokubekezela nokwenza kahle.

Ligcwalisa inhliziy o ngokuthanda uNkulunkulu nesifiso sokwenza okuhle kwabanye, lokhu kusilungiselela ukubaluleka kwethu lapha emhlabeni kanye naseZulwini.

Lisifundisa ngokubaluleka komphfumulo kanye nentengo eyakhokhwa ukuwuhlelwa.

Lisenza siqonde okuyona nto esusa isono, iphinde yethule into ephelile ekuqondiseni isimilo. Lisitshela ngekusasa nokulungiselela ukuhlalabazana nalo. Lisenza sime ngesibindi kokulungileyo.

Ingabe yonke imibhalo iphefumulelwe yini?

“Yonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu, ilungele ukufundisa, nokusola, nokuqondisa, nokuyala ekulungeni.” 2 KuThimothewu 3:16.

Kwabe kuyini inhloso kaNkulunkulu ngokunikeza imibhalo?

“Ukuze umuntu kaNkulunkulu aphelele, apheleliselwe yonke imisebenzi emihle”. Vesi 17.

Abe eqondiswa ubani lamadoda ayekhumela uNkulunkulu?

“Ngokuba akuzange kuvezwe isiprofetho ngentando yomuntu, kepha abantu beqhutshwa

nguMoya oNgcwele bakhuluma okukaNkulunkulu”. 2 kaPetru 1:21.

Iyiphi inhloso eyenza ukuba imibhalo engcwele ibhalwe?

“Ngokuba konke okwalotshwa ngaphambili kwalotshelwa ukufundiswa kwethu, ukuze ngokubekezela ngangenduduzo yemibhalo sibe nethemba.” Kwabase Roma 15:4.

Wathini uJesu ngokufundwa kwemiBhalo?

“Nihlola imibhalo, ngokuba nithi ninokuphila okuphakade kuyo; yiyona efakaza ngami”. NgokukaJohane 5:39.

Lwalaquine kangakanani ukhoho lweqhawe u-Isaya ezwini likaNkulunkulu?

“Utshani buyabuna, imbali iyavuthuluka, kepha izwi likaNkulunkulu wethu limi kuze kube phakade.” Isaya 40:8.

Iziphi izibusiso ezinkulu uJesu azethula kubafundi bakhe emva kokuvuka kwakhe?

“Khona wayesevula ingqondo yabo, ukuze baqonde imibhalo.” NgokukaLuka 24:45.

Amandla AseZwini likaNkulunkulu

Wathini uJesu ngalabo okuthi noma belijwayele igama elithi imibhalo, Kodwa bahluleke ukuyizwisisa?

“Kepha uJesu waphendula, wathi kubo, Nidukile ningayazi imibhalo namandla kaNkulunkulu.” Mathewu

22:29.

Yibaphi uJesu ababiza ngokuthi babusisekile?

“Waphendula wathi: babusisiwe abalizwayo izwi likaNkulunkulu bese belenza.” Ngokuka Luka 11:28.

Yikuphi ukukhonza okuholela ezimfundisweni zamanga?

“Kodwa bangikhonza ngeze befundisa izifundiso eziyimiyalo yabantu.” Ngokuka Mathewu 15:19.

Yiziphi izimfundiso ezizoholela ekulahlekeni ngezinsuku zokugcina?

“Kepha kwavela nabaprofethi bamanga phakathi kwesizwe, njengokuba nakinina kuzakubakhona abafundisi bamananga abazakungenisa ngasese izifundiso zamanga ezibhubhisayo.” 2 kaPetru 2:1.

Abantu bayobhekisa izindlebe zabo kuphi?

“Ngokuba kuyakuba khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isifundiso esiphilayo, kepha ngokwezinkano zabo bayakuzibuthela abafundisi njengokubathwa kwezindlebe zabo, bafulathelise izindlebe zabo eqinisweni, baphambukele ezinganekwaneni.” 2 KuThimothewu 4:3-4.

Iyiphi into eyenziwa imibhalo uma umu nto ekholelwa kuyo?

“Nokuthi kusukela ebuntwaneni wazi imibhalo engcwele enamandla okukhulakaniphisa, kube yinsindiso ngokukholwa kuKristu Jesu.” 2 KuThimothewu 3:15.

Singalibona kanjani iqiniso elikhona ezimfundisweni?

“Vivinyani konke, nibambisise okuhle.” 1KwabaseThalonika 5:21.

Singangcweliseka kanjani?

“Bangcwelise ngeqiniso, izwi lakho liyiqiniso.” NgokukaJohane 17:17.

Obani abafundi bakaJesu, futhi imuphi umsebenzi omuhle owenziwa iqiniso kulabo abalamukelayo?

“Khona uJesu wathi kubaJuda abase bekholwe nguye: Uma nimi ezwini lami, ningabafundi bami isibili, niyakulazi iqiniso, neqiniso liyakunikhulula.” NgokukaJohane 8:31-32.

Iyini imvelo yezwi lika Nkulunkulu?



“Ngokuba izwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisika nhlangothi zombili, lihlaba kuze kwahlukaniswe umphefumulo nomoya, amalungu nomkantsha lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyi;” KumaHeberu 4:12.

Amakholwa ahlanzwa ngani?

“Nina senihlanzekile ngezwi engilikhulume kinina.” NgokukaJohane 15:3.

Umuntu omusha angayihlanza kanjani indlela yakhe?

“Insizwa iyakuyihlanza kanjani indlela yayo na? Ngokuqaphela okwezwi lakho.” Amahubo 119:9.

Ukubaluleka Komthandazo

Umbhali wehubo umchaza kanjani uNkulunkulu?

“Wena ozwayo imikhuleko, beza kuwe bonke abantu.” Amahubo 65:2.

Kungayiphi imibandelela lapho sithenjise ukwamukela izibusiso esizidingayo?

“Celani, khona nizakuphiwa; funani, khona nizakufumana; ngqongothani; khona nizakuvulelwa.” NgokukaMathewu 7:7-8.

Qaphela-Umthandazo indlela yokuvulela uNkulunkulu inhliziyi njengomngani. Umthandazo awuguquli uNkulunkulu, kodwa ushintsha ubuhlobo bethu kuye (usibeka lapho singakwazi ukwamukela izibusiso).

Usibeka emgudwini ngokucophelela nesineke esipha izicelo zethu.

Kungaphasi kwayiphi imigomo lapho umlobi ethi uNkulunkulu ngeke ayizwe imithandazo?

“Uma bengiqonde ububi enhliziyweni yami, ibingayikungizwa iNkosi.” Amahubo 66:18, bona- Isaya 59:1-2 noJakobe 4:3.

Okabani umthandazo usolomoni athi uyisinengiso?

“Ophendula indlebe yakhe ekuzweni umthetho, nomkhuleko wakhe uyisinengiso.” Izaga 28:9.

Ukrestu wasifundisa ukuthandaza kubani?

“Kepha mina ngithi kini: Thandani izitha zenu, nibabusise abanqalekisa, nibaphathe kahle abanizondayo, nibakhulekele abanizingelayo.” NgokukaMathewu 5:44.

Singazibalekela kanjani izilingo?

“Lindani nikhuleke ukuba ningangeni ekulingweni, umoya uyavuma, kepha inyama ibuthakathaka.” Mathewu 26:41.

Umuntu kumele acele kanjani ukuze amukele?

“Kepha makacele ngokukholwa engangabazi lutho, ngokuba ongabazayo unjengedlambi lolwandle eliqhutshwa ligujiswa ngumoya.” Jakobe1:6, 7 Bona Marku 11:24.

Qaphela – umthandazo yisona sihluthulelo esisesandleni sokukholwa esingavula ingcebo yasezulwini engenamkhawulo.

Yikuphi esinxuswa ukuba sibheke kukho?

“Kepha ukuphela kwezinto zonke sekusondele, ngakho zikhuzeni, nizithibe ukuze nikhuleke.” 1KaPetru 4:7.

Kumele sikhuleke kangakanani?

“Khulekeni ningaphezi.” 2KwabaseThesalonika 5:17 “– ethembeni nithokoze, osizini nibekezele, ekukhulekeni niqinisele njalo.” KwabaseRoma 12:12.

Indalo Kanye Nomdali.

Ubani odale izulu nomhlaba?

“Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izulu nomhlaba.” Genesisi 1:1.

Yini eyasetshenziswa nguNkulunkulu uma edala izulu nomhlaba?

“Ngezwi likaJehova izulu lenziwa, namabandla onke ngomoya womlomo wakhe...ngokuba wakhuluma, kwabakhona, walayeza, kwema khona.” Amahubo 33:6-9.

UNkulunkulu wadala izinto zonke ngobani?

“Ngokuba kwadalelwa kuyo konke okusezulwini nasemhlabeni, okubonwayo nokungabonwa, nokuba kuyizihlalo zobukhosi, nokuba kuyimibuso, nokuba kuyizikhulu, nokuba kuyiziphathimandla; konke kwadalwa ngaye, kwadalelwa yona.” Kolose1:16, NgokukaJohane 1:3, bona Heberu 1:1 – 2.

Kwabe kuyini inhloso kaNkulunkulu uma edala umhlaba?

“Ngokuba usho kanje uJehova owalidala izulu, onguNkulunkulu, owawubumba umhlaba, wawenza, wawumisa, engawudalelanga ize, wawubumba ukuba kuhlalwe kuwo.” Isaya 45:18.

UNkulunkulu wabathatha kuphi abantu ababezohlala emhlabeni awudalile?

“UJehova uNkulunkulu wambumba umuntu ngomhlabathi, waphefumulela emakheleni akhe umoya wokuphila, umuntu waba kanjalo umphefumulo ophilayo.” Genesisi 2:7.

Umuntu wadalwa ngomfanekiso kabani?

“UNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe, wamdala ngomfanekiso kaNkulunkulu, wabadala owesilisa nowesifazane.” Genesisi 1:27.

Zonke izinto zadalwa nguKrestu.

“Ngokuba kwadalelwa kuyo konke okusezulwini nasemhlabeni, okubonwayo nokungabonwa, nokuba kuyizihlalo zobukhosi, nokuba kuyimibuso, nokuba kuyi zikhulu, nokuba kuyiziphathimandla, konke kwadalwa ngayo, kwadalelwa yona, yona ingaphambi kwakho konke, nezinto zonke zimi ngayo, yona iyinhoko yomzimba, ngisho ibandla engukuqala, izibulo kwaba fileyo, ukuze yona ibe ngeyokuqala ezintweni zonke.” Kolose1:16-18.

Yikuphi okubekwa ngokucacile yimibhalo ukuthi kungamandla endalo akwazi ukuguqula ikholwa?

“Ngokuba singumsebenzi wakhe kuKrestu Jesu, sidalelwe imisebenzi emihle ayilungisela ngaphambili uNkulunkulu ukuba sihambe kuyo.” Efesu 2:10.

Imvelo yesono

Ichazwa kanjani impikiswano ephakathi kukaKrestu kanye noSathane?

“Kwase kuba khona ukulwa ezulwini uMikayeli nezingelosi zakhe balwa noDrako walwa enezingelosi zakhe, kepha abaze banqoba, nendawo yabo kayabe isafunywana ezulwini. Wayeseponswa phansi uDrako omkhulu, inyoka endala ethiwa uMhlebi noSathane, odukisa izwe lonke waphonswa phansi emhlabeni, nezingelosi zakhe zaphonswa kanye naye.” Isambulo 12:7-9.

Qaphela - lempi yaqala ezulwini yabe isiqhubekela emhlabeni.

Seza nobani isono?

“Owenza isono ungokaSathane, ngokuba uSathane uyona kwasekuqaleni.” 1Johane 3:8.

Waqala nini uSathane ukuba umbulali?

“Nina ningabakayihlo uSathane, nithanda ukwenza izinkanuko zikayihlo. Yena wayengumbulali wabantu kwasekuqaleni, akemi eqinisweni, ngokuba iqiniso lingekho kuye.” Johane 8:44.

Ingabe uSathane wabe elokhu eyisoni?

“Wawuphelele ezindleleni zakho kusukela osukwini lokudalwa kwakho

kwaze kwafumaniseka ukungalungi kuwe.” Hezekeli 28:15.

Lombhala okuJohane 8:44 othi: “akahlalanga eqinisweni.” Ubonisa ukuthi wake waba olungileyo, oneqiniso. UPetru ukhuluma “ngezingelosi ezona.” (bona 2KaPetru 2:4, uJuda yena uthi “ziyizingelosi ezingagcinanga isimo sazo sokuqala.” Juda 6. Lezingelosi zake zaba ziyizingelosi ezingenasono.

Yikuphi okushiwo uKrestu okubonisa ukubeka umthwalo kuSathane kanye nezingelosi zakhe ngemvelaphi yesono?

“Khona iyakuthi kwabangakwesokhohlo: dedani kimi nina abaqalekisiweyo, niye emlilweni ophakade olungiselwe uSathane nezingelosi zakhe.” Mathewu 5:41.

Ukwahlukana kukaKrestu kanye noSathane

Yini eyaholela ekoneni kukaSathane, nokuvukela umbuso nasekuweni kwakhe?

“Inhliziyo yakho yakhukhumala ngobuhle bakho, wonakalisa ukuhlakanipha kwakho ngokukhazimula kwakho.” Hezekeli 28:17. “Wena wathi enhliziyweni yakho: ngiyakukhuphukela ezulwini, ngiphakamise isihlalo sami sobukhosi phezu kwezinkanyezi zikaNkulunkulu, ngihlale entabeni yomhlangano ngasekugcineni kwasenyakatho... ngizenze ngibe ngangoPhezukonke.” Isaya 14:13-14.

Kungani kwaba nokuwukhalela umhlaba emva kwalokho?

“Maye kuwe mhlaba nakuwe lulwandle, ngokuba uSathane wehlele kini enolaka olukhulu, azi ukuthi unesikhathi esifushane.” Isambulo 12:12, “Ngabona uSathane ehla ezulwini njengonyazi.” Luka 10:18.

Ukuwa Komuntu

Sangena nini isono emhlabeni?

“Njengalokho isono sangena ezweni ngamuntu munye nangesono kwangena ukufa ngokunjalo ukufa kwafikela abantu bonke, lokhu bonke bonile.” Roma 5:12.

Yimaphi amazwi enza uNkulunkulu abize uKayini njengesoni?

“Angithi uma wenza kahle, uyamukeleka na? Uma ungenzi kahle, isono sihlezi ngasemnyango.... Khona wathi: wenzeni na? Izwi legazi lomfowenu liyakhala kimi lisemhlabathini usuqalekisiwe

emhlabeni.” Genesisi4:11.

Yisiphi isiqalekiso esengezwa ngenxa yokubulala?

“UJehova wayesethi kuKhayini: Usuqalekisiwe emhlabathini ovulile umlomo wawo ukwamukela igazi lomfowenu esandleni sakho.” Genesisi4:12.

Umhlaba ngokwawo kanye nendalo kwahlukumezeka kanjani ngenxa yesono sika Adamu?

“Ngalokho umhlabathi uqalekisiwe ngenxa yakho. Uyakudla kuwo ngokukhathazeka zonke izinsuku zokuhamba kwakho. Uyakukuvuzela a me va na ma kha kha si.” Genesisi3:17-18.

Iyini inkokhelo yesono?

“Inkokhelo yesono ingukufa.” Roma 6:23, “Ngokuba mhla udla kuwo uyakufa nokufa.” Genesisi2:17, “Umphefumulo owonayo uyakufa.” Hezekeli18:4.

Sichazwa njengani isono?

“Bonke abenza isono bayeqa nomthetho, ngokuba isono singukweqa umthetho.” 1Johane 3:4.

Yini ebonakala kuqala ngaphambi kokuba isono siziveze?

“Uma inkanuko isithathile ibeletha isono.” Jakobe1:15, “Konke okungaveli ekukholweni kuyisono.” Roma 14:23.

Qaphela – Sibonisa ukungamhloniphi uNkulunkulu ngokungamethembi nokungabi nankolo kuye.

Umphumela Wesono

Uyini umphumela wokugcina wesono?

“Nesono sesiphelelisiwe sizala ukufa.” Jakobe1:15.

Umuntu angasibalekela kanjani lesisigwebo?

“Inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKrestu Jesu iNkosi yethu.” Roma 6:23.

Isidingo SoMsindisi

Ngobani abanikezwe lesisipho somsindisi?

“Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi kepha abe nokuphila okuphakade.” NgokukaJohane 3:16.

Samukelwa kanjani lesisipho?

“Okholwa yiyo kahlulelwa, ongakhohla usahlulelwe, lokhu engakhohlanga egameni leNdodana ezelwe yodwa kaNkulunkulu.”

NgokukaJohane 3:18, “Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe ngabantwana baka Nkulunkulu, labo abakhohla egameni lakhe.” NgokukaJohane 1:12.

Siyini Isono?

Ibhayibheli lisichaza kanjani?

“Bonke abenza isono bayeqa nomthetho, ngokuba isono singukweqa umthetho. Senazi ukuthi yena wabonakaliswa, ukuze asuse izono, akukho-sono kuye.” 1 Johane 3:4-5.

Uyini umphumela wokwenza isono ngokuzithandela?

“Ngokuba umasona ngamabomu emva kokuba sesamukele ukwazi kweqiniso, akusekho umnikelo ngezono, kepha kuphela ukulindela okwesabekayo kokwahlulelwa nomlilo oshisayo ozakuqeda amaphikankani.” Heberu 10:26, 27-29.

Umthetho KaNkulunkulu

Unkulunkulu wabanikeza-kanjani abantu bakhe umthetho?

“UJehova wayesekuhluma kimi ephakathi komlilo, ngezwa izwi likhuluma, kepha angibonanga simo, kwakuyizwi kuphela. Wanimezelela isivumelwano sakhe anyala ngaso ukuba nisenze, imiyalelo eyishumi, wayiloba ezibhebheni ezimbili zamatshe.” Dutenoromi 4:12-13, bona Nehemiya 9:13-14, imithetho elishumi, bona Eksodusi 20:1-17.

Lomthetho ubaluleke kangakanani?

“Mesabe uNkulunkulu, ugcine imiyalo yakhe ngokuba lokhu kungokwabantu bonke.” Umshumayeli 12:13.

Imithetho yakhe iyimithetho enjani?

“Ngakho-ke umthetho ungwele, nomyalo ungwele, ulungile, muhle...ngokuba siyazi ukuthi umthetho ungowomoya, kepha mina ngingowenyama, othengisiwe phansi kwesono.” Roma 7:12,14.

Yini ebonisa ukuthi imithetho eyishumi eyakhulunywa, yabhalwa entabeni iSinayi iyimithetho yenkululeko kumaKrestu?

“Ngokuba ogcina wonke umthetho kepha akhubeke kowodwa, unecala kuyoyonke. Ngokuba yena owathi: ungaphingi, wathi futhi: ungabulali, uma-ke ungaphingi kepha ubulale, ungoweqa umthetho. Khulumani kanjalo, nenze kanjalo njengokufanele abayakwahlulelwa ngomthetho wenkululeko.” Jakobe 2:10-12.

Umuntu angasho ukuthi uyamazi uNkulunkulu kodwa engayigcini imithetho yakhe na?

“Lowo othi ngiyamazi, engagcini imiyalo yakhe, ungumqambimanga, iqiniso alikho kuye.” 1Johane 2:4.

Singazi kanjani ukuthi siyamthanda umzalwane na?

“Ngalokho siyazi ukuthi siyabathanda abantwana bakaNkulunkulu, nxa sithanda uNkulunkulu, senza imiyalo yakhe.” 1Johane 5:2.

Luyini uthando lukaNkulunkulu?

“Ngokuba ukuthanda uNkulunkulu yilokhu ukuba sigcine imiyalo yakhe, nemiyalo yakhe ayinzima. Vesi 3.

UKrestu wayiphatha kanjani imithetho kaNkulunkulu?

“Mina ngigcinile imiyalo kaBaba ngihlala othandweni lwakhe.” NgokukaJohane 15:10.

Uma umuntu eqinisekisa ukuthi ukuKrestu kumele ahambe kanjani?

“Lowo othi uhlala kuye, yena umelwe ukuhamba, njengalokho ahamba yena.” 1Johane 2:6.

UJesu wathini ngendlela abuka ngayo umthetho?

“Ningathi ngize ukuchitha umthetho nabaprofethi, angizanga ukuchitha, ngize ukugcwaliswa.” Mathewu 5:17.

Wafundisa ini ebonisa ukungaguquki komthetho?

“Ngokuba ngiqinisele ngithi kini: kuze kudlule izulu nomhlaba, akusoze kwadlula gamana linye nasicashana sinye somthetho kuze kufezeke konke.” Vesi 18.

Uthini uNkulunkulu ngenkambo nokuziphatha komKrestu?

“Ngokuba ogcina wonke umthetho kepha akhubeke kowodwa, unecala kuyo yonke.” Jakobe 2:10-12.

Umthetho Kanye Nevangeli

Iyini inhloso yomthetho?

“Ngokuba ngemisebenzi yomthetho akukho-nyama eyakulungisiswa phambi kwakhe ngokuba ngomthetho kukhona ukwazi isono.” Roma 3:20.

Kufanele liphathwe kanjani ivangeli?

“Ngokuba anginamahloni ngevangeli, ngokuba lingamandla kaNkulunkulu, kube yinsindiso kuloyo nalowo okholwayo.” Roma 1:16.

UKrestu usithembisani esivumelwanenl esisha?

“Kepha kalokhu unikiwe inkonzo enhle kakhulu, njengalokhu engumlamuleli wesivumelwano esihle kakhulu...ngokuba yilesi

esiyisivumelwano engiyakusenza nendlu kalsrayeli emva kwalezo zinsuku, isho iNkosi:Ngiyakufaka imithetho yami enqondweni yabo, ngiyilobe izinhliziyweni zabo.” Heberu8:6,10.

Kungani ingqondo yethu inobutha noNkulunkulu?

“Ngokuba ukunaka kwenyama kungubutha kuNkulunkulu, ngokuba akuwuthobeli umthetho kaNkulunkulu, yebo, futhi ungewenze.” Roma 8:7.

Umuntu angakwazi yini ukuzigcinela umthetho ngokwakhe ngaphandle kukaKrestu na?

“Mina ngingumvini, nina ningamatatsha, ohlala kimi, nami kuye, lowo uthela izithelo eziningi ngokuba ngaphandle kwami ningenze lutho.” NgokukaJohane 15:5, bona Roma 7:14-19.

Obani uJesu athi bayongena embusweni wezulu?

“Asibobonke abashoyo kimi ukuthi: Nkosi, Nkosi, abayakungena embusweni wezulu, kuphela owenza intando kaBaba osezulwini.” Mathewu 7:21.

Umuntu uyolinganiswa kanjani ebudlelaneni bakhe nomthetho kaNkulunkulu?

“Ngakho-ke oweqa owodwa kulemiyalo emincinyane, afundise abantu kanjalo, uyakuthiwa omcinyane embusweni wezulu, kepha oyigcinayo, ayifundise, lowo kuyakuthiwa omkhulu embusweni wezulu.” Mathewu 5:19.

Ingabe ikholwa lilindeleke ukuba liqhubeke nesono emva kwalokhu?

“Ngakho siyakuthini na? Sihlale esonweni, ukuze kuvame umusa na? Qha nakanye. Thina esafa maqondana nesono singabuyi sihambe kanjani kuso na.” Roma 6:1-2.

Yimuphi umbhali ochitha ithemba lokuthi silungisiswa ngemisebenzi?

“ngokuba ngemisebenzi yomthetho akukho nyama eyakulungisiswa phambi kwakhe, ngokuba ngomthetho kukhona ukwazi isono.” Roma 3:20.

Iyiphi indlela amakhohla alungisiswa ngayo kuKrestu?

“Balungisiswe ngesihle ngomusa wakhe ngokuhlenga okukuKrestu Jesu.” Vesi 24

Wawuchaza kanjani uKrestu umthetho wesithupha nowesikhombisa?

“Nizwile kwathiwa kwabasendulo: Ungabulali, yilowo nalowo nalowo obulalayo uyakuba necala lokwahlulelwa.. kepha mina ngithi kini: Yilowo nalowo othukuthelela

umfowabo uyakuba necala lokwahlulelwa.” Mathewu 5:21,22 “Nizwile kwathiwa: Ungaphingi. Kepha mina ngithi kini: Yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe.” Vesi 27-28.

Ukuhlupheka KukaKrestu

Umprofethi u-Isaya wathi yini le UKrestu azakuyithwala?

“Yacindezelwa, kepha noma yathotshiswa, ayivulanga umlomo wayo njenge wundlu eliyiswa ekuhlathshweni, njengemuva ethule phambi kwabagundi bayo, ayiwuvulanga umlomo wayo.. yasuswa ekucindezelweni nasekwahlulelweni, ngubani esizukulwaneni sayo owacabanga ukuthi yahlithwa ezweni labaphilayo, ishaywa ngesiphambeko sabantu bami na?” Isaya 53:7, 8

Ingabe uKrestu wazi phambi kwesikhathi ukuthi uzakubhekana nani?

“Wayesesondeza kuye abayishumi nambili, wathi kubo: bhekani, sikhuphukela eJerusalema konke okulotshwe ngabaprofethi ngeNdodana yomuntu kuyakugcwaliseka. Izakukhashelwa kwabezizwe, ikholodelwe, idunyazwe, ikhahulelwe ngamathe, bayishaye, bayibulale, kepha ngosuku lwesithathu iza kuvuka.” Luka 18:31-33.

Iyipi impatho engeyinhle uJesu ayithola kubalindi?

“Aluka umqhele wameva, awufaka ekhanda lakhe, nomhlanga esandleni sakhe sokunene, aguqa ngamadolo phambi kwakhe, ambhinqa athi: Bayede Nkosi yakwaJuda! Amkhafulela ngamathe, athatha umhlanga, amshaya ekhanda lakhe.” Mathewu 27:29-30.

Emva kokulethwa endaweni abethelwa kuyo yiluphi uphuzo abamnika lona?

“Amphuzisa iwayini elixutshwe nenyongo kepha kuthe elizwa, akathandanga ukuliphuza.” Vesi 34.

UKrestu wabonakalisa kumuphi umthandazo umoya weqiniso wevangeli kulabo abambethelayo - wethando lwezoni?

“Kepha uJesu wathi: Baba, bathethelele, ngokuba abakwazi abakwenzayo.” Luka 23:34.

Yimaphi amazwi akhulunywa ngabapristi kanye nabanye abonakalisa ukuhlelisa ngoJesu ngenkathi esesiphambanweni?

“Kanjalo nabapristi abakhulu bambhinqa kanye nababhali

namalunga, Bathi:wasindisa abanye, angezisindise yena, uyiNkosi yakwa-Israyeli, akehle manje esiphambanweni ukuze sikholwe nguye.” Mathewu 27:41, 42.

Kwaba yini isiphetho sombukiso owabe ubuhlungu kangaka?

“Kwathi ukuba uJesu ewamukele uvinika, wathi: kufeziwe, wagebisa ikhanda, wafa.” Johane 19:30.

Ukuvuka KukaKrestu

“Ngangifile, bheka, seningophilayo kuze kube phakade naphakade, futhi nginezihluthulelo zokufa neHayidesi.” Isambulo 1:18.

Emva kokuvuka kwakhe yini eyakhunjulwa abafundi bakhe?

“Kuthe esevukile kwabafileyo, abafundi bakhe bakhumbula ukuthi washo njalo kubo, bakholwa ngumbhalo nezwi abelishilo uJesu.” NgokukaJohane 2:22. “Ngokuba okokuqala nganinika lokho engakwamukela nami ukuthi uKrestu wafa ngenxa yezono zethu njengokwemibhalo, nokuthi wambelwa, nokuthi wayuswa kwabafileyo ngosuku lwesithathu njengokwemibhalo.” 1KwabaseKorinte 15:3, 4

“Wabonwa nguKhefasi, wayesebonwa ngabayishumi nambili, emvakwalokho wabonwa ngasikhathi sinye ngabazalwane abadlula amakhulu ayisihlanu, iningi labo lisekhona nakalokhu kepha abanye sebelele, emva kwalokho wabonwa nguJakobe, ngasemuva wabonwa ngabapostoli bonke.” Vesi 5-7.

Ukulungisiswa

Ngokukholwa

UNKulunkulu umlungisisa kanjani umuntu?

“Ukuze silungisiswe ngomusa wakhe, sibe yizindlalifa zokuphila okuphakade ngokwethemba.” Thithu 3:7.

Iyipi indlela esetshenzisiwe ukuze lokhu kulungisiswa ngomusa sibe nakho sibe siyizoni?

“Ngakho kakhulu sesilungisisiwe ngegazi lakhe (uKrestu), siyakusindiswa ngaye olakeni.” Roma 5:9.

Ingabe ukulungisiswa kusekelwe yini?

“Ngakho-ke sithi umuntu ulungisiswa ngokukholwa ngaphandle kwemisebenzi yomthetho.” Roma 3:28.

Iyipi indlela eyodwa eyenza ukuba izoni zilungisiswe?

“Kepha lokhu sazi ukuthi umuntu

akalungisiswa ngemisebenzi yomthetho, kuphela ngokukholwa nguKrestu Jesu, nathi sakholwa nguKrestu Jesu ukuba silungisiswe ngokukholwa nguKrestu kungemisebenzi yomthetho akuyikulungisiswa nyama.” Galathiya 2:16.

Kuphezu kwamuphi umbandela lapho kungekho ukulungisiswa kwezoni?

“Ngokuba ngemisebenzi yomthetho akukho nyama eyakulungisiswa phambi kwakhe, ngokuba ngomthetho kukhona ukwazi isono.” Roma 3:20.

Ukufa kukaKrestu kukufakazela kanjani lokhu?

“Angiwenzi ize umusa kaNkulunkulu, ngokuba uma ukulunga kuya ngomthetho, khona uKrestu wafela ize.” Galathiya 2:21.

Yini ebekwa obala ngemizamo yokulungisiswa ngomthetho?

“Nahlukene noKrestu nina nonke enifuna ukulungisiswa ngomthetho, niwile emseni.” Galathiya 5:4.

Yini le eyenza u-Israyeli ukuba ahlukele ukuba ngolungileyo?

“Kepha u-Israyeli, elandela umthetho wokulunga, kafinyelelanga emthethweni. Ngani na? Ngokuba akubanga ngokukholwa kodwa kungathi ngemisebenzi, baqhuzuka etsheni.” Roma 9:31-32.

Yini eyembulwa umthetho?

“Ngokuba ngomthetho kukhona ukwazi isono.” Roma 3:20.

Yini ebonakalisa ubufakazi obumsulwa bokulunga obutholwa ngokukholwa, ngaphandle kwemisebenzi yomthetho?

“Kepha manje kubonakalisiwe ukulunga okuvela kuNkulunkulu ngaphandle komthetho, kufakazelwa ngumthetho nabaprofethi.” Vesi 21.

Ludingeke kangakanani ukhoho?

“Kepha - ke ngaphandla kokukholwa akukho ukumthokozisa.” KumaHeberu 11:6.

Yimiphi imibhalo ebonisa ukuthi ukulunga (ubungcwele) okwamukelwe ngokukholwa kufanele kungabi yisiviko sokuqhubeka nokona?

“Ngakho siyakuthini na? sihlale esonweni, ukuze kuvame umusa na? Qha nakanye. Thina esafa maqondana nesono singabuye sihambe kanjani kuso na.” Roma 6:1-2.

Ingabe ukukholwa kuyawuchitha yini umthetho kaNkulunkulu?

“Ngakhoke umthetho siwenza ize ngenxa yokukholwa na? Qha nakanye,

kodwa siyawuqinisa umthetho.” Roma 3:31.

Ukuphenduka

Obani okumele baphenduke?

“Kangizelanga ukubiza abalungileyo kodwa izoni ukuba ziphenduke.” Luka 5:32

Bangakhi abayizoni?

“Ngokuba besesibamangalele abajuda namaGriki ngokuthi bonke baphansi kwesono.” Roma 3:9.

Yikuphi okubuzwa yilabo abaphenduke esonweni?

“Madoda, bazalwane, siyakwenze njani na? Ngimelwe ukwenzani ukuba ngisindiswe na?” Izenzo 2:37, 16:30.

Impendulo etholalalayo maqondana nalokhu kubuza ithini?

“Kholwa yiNkosi uJesu, yikhona uzakusindiswa wena nendlu yakho.” Izenzo 2:38, 16:31

Iyini imiphumela yokuphenduka?

“Ngokuba ukudabuka okuya ngokukaNkulunkulu kuveza ukuphenduka.” 2KwabaseKorinte 7:10

Wathini uJohane umbhaphathizi kubaFarisi nakubaSadusi nxa beza lapho ayebhaphathiza khona?

“Nzalo yezinyoka, ngubani onibonise ukubalekela intukuthelo ezayo na?” Mathewu 3:7.

Wabatshela ukuba benzeni?

“Ngakho vezani izithelo ezifanele ukuphenduka.” Vesi 8.

Ukuvuma izono kanye nokuxolelwa.

Yisiphi isithembiso esenziwa kulabo abavuma izono zabo?

“Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi.” 1Johane 1:19.

Yimuphi umehluko okhona phakathi kokufihla kanye nokuvuma izono?

“Ofihla iziphambeko zakhe akayi kuphumelela, kepha ozivumayo azishiye uyakuthola umusa.” Izaga 28:13.

Yini uNkulunkulu azoyenzela bonke abafuna ukuxolelwa?

“Ngokuba wena Nkosi umuhle, ongothethelelayo, unomusa omkhulu kubobonke abakhala kuwe.” Amahubo 86:5.

UDavide wayelibeke kubani ithemba lokuxolelwa?

“Ngihawukele, Nkulunkulu, ngomusa wakho, yesula iziphambeko zami ngokobubele bakho obukhulu.”

Amahubo 51:1.

Ngenkathi uDavide evuma izono zakhe, wathini kuNkulunkulu?

“Ngasivuma isono sami kuwe, angisifihlanga isiphambeko sami kuwe, ngathi: Ngizakuzivuma izono zami kuJehova, wena wathethelela icala lesono sami.” Amahubo 32:5.

Yini okumele ibonakale kithi njengoba uNkulunkulu esixolele izono?

“Maniphathane ngobumnene, nihawukelane, nithethelelane, njengalokho noNkulunkulu wanithethelela ngoKrestu.” Efesu 4:32.

Sikuthola ngobani ukuphenduka kanye nokuxolelwa?

“UNkulunkulu wawobaba wamvusa uJesu enambulala nina ngokumphanyeka emthini, lowo uNkulunkulu wamphakamisa ngesokunene sakhe abe yiNkosi noMsindisi ukuba anike ulsrayeli ukuphenduka nokuthethelelwa kwezono. Izenzo 5:30 – 31.

UMoya oNgcwele kanye noMsebenzi Wakhe

Yisiphi isethembiso uJesu asenza kubafundi bakhe ngaphambi kokuba abethelwe?

“Ngiyakucela kuBaba aniphe omunye umduduzi wokuba ahlale kini phakade.” NgokukaJohane 14:16.

Kungani kwakufanele ukuba uKrestu ahambe?

“Kodwa mina nginitshela iqiniso lokuthi kunilungele ukuba ngimuke, ngokuba uma ngingamuki, uMduduzi akayi kuza kini, kepha uma ngimuka ngiyakumthumela kini.” NgokukaJohane 16:7.

Ngubani uMduduzi futhi kwakufanele ukuthi azokwenzani?

“Kepha uMduduzi, oMoya oNgcwele, uBaba ayakumthumela egameni lami uyakunifunfisa konke, anikhumbuze konke enginitshela kona.” NgokukaJohane 14:26.

Yikuphi okuningi okumelwe kwenziwe uMduduzi?

“Lapho esfikile yena, uyakuqondisa izwe ngesono, nangokulunga, nangokwahlulela.” NgokukaJohane 16:8.

Imaphi amanye amagama uMduduzi abizwa ngawo?

“Nxa esefikile uMduduzi engiyakumthumela kini evela kubaba, umoya weqiniso, ophuma kuBaba, nguyena oyakufakaza ngami.”

NgokukaJohane 15:26.

UJesu wathi yini le ezokwenziwa umoya weqiniso?

“Nxa esefikile yena, uMoya weqiniso, uzakuniholeta kulolonke iqiniso ngokuba akayikukhuluma ngokwakhe, kodwa lokho akuzwayo uyakukhuluma, anibikele okuzayo.” NgokukaJohane 16:13.

Yisiphi – ke isexwayiso esinikiwe?

“Ningamdabukusi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu ngaye kuze kube wusuku lokuhlanga.” Efesu 4:30.

Ingabe kunomkhawulo ekunxuseni kukaMoya kaNkulunkulu?

“Wayesethi uJehova: Umoya wami awuyikubusa njalo kumuntu.” Genesisi 6:3.

Wakhulekela ini uDavide?

“Ungangilahli ebusweni bakho, ungangamuki uMoya wakho oNgcwele.” Amahubo 51:11.

Ubani owabe ephakathi kwabaprofethi ukuba banikeze umyalezo wabo?

“Ngokuba akuzange kuvezwe isiprofetho ngentando yomuntu, kepha abantu beqhutshwa umoya ongcwele bakhuluma okukaNkulunkulu.” 2Petru 1:21.

Ziyini izithelo zikaMoya?

“Kepha izithelo zikaMoya ziluthando, nokujabula, nokuthula, nokubekezela, nobubele, nobuvi, nokukholeka, nobumnene, nokuzithiba.” Galathiya 5:22-23.

Yisiphi isifundo okumelwe saziswe ngaso?

“Kepha maqondana neziphiwo zokomoya angithandi, bazalwane, ukuba ningabi nalwazi.” 1KwabaseKorinte 12:1.

Yiziphi iziphiwo ezinikeziwe?

“UNkulunkulu umisile abathile ebandleni, kuqala abaPostoli, okwesibili abaprofethi, okwesithathu abafundisi, besekuba yimisebenzi yamandla, besekuba yiziphiwo zomusa, zokuphulukisa, nokusiza, nokubusa nezilimi ngezilimi.” 1KwabaseKorinte 12:28.

Umbhaphathizo WamaKrestu

Yiluphi ugcobo olusondelene nokukholelwa evangelini?

“Wayesethi kubo: Hambani niye ezweni lonke, nishumaye ivangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa, kepha

ongakholwayo uyakulahlwa.” Marku 16:15-16.

Abantu bakwamukela kanjani ukushumayela kukaJohane?

“Khona kwaphumela kuye iJerusalema, neJudiya lonke, nezwe lonke laseJordan, babhaphathiswa nguye emfuleni iJordan bevuma izono zabo.” Mathewu 3:5-6.

Yini le umphostoli uPetru athi ihambisana nombhaphathizo ngosuku lwePentekoste?

“UPetru wayesethi: Phendukani, yilowo nalowo abhaphathiswe egameni likaJesu Krestu kukho ukuthethelelawa kwezono zenu, khona niyakwamukeliswa isiphiwo sika Moya oNgcwele.” Izenzo 2:38.

Ngokombhaphathizo wamaKrestu yini le ehlanzwayo?

“Manje - ke ulibalelani na? Sukuma, ubhaphathizwe, uhlambulule izono zakho ngokukhuleka egameni lakhe.” Izenzo 22:16, bona Thithu 3:5, 1Petru 3:21.

Zihlanzwa ngayiphi indlela izono?

“NakuJesu Krestu ufakazi othembekayo, izibulo labafileyo nombusi wamakhosi omhlaba, kuye osithandayo nowasikhululayo ezonweni zethu ngegazi lakhe.” Isambulo 1:5.

Uma amakhohla ebhaphathizwa kuKrestu embatha bani?

“Ngokuba nonke enabhaphathizelwa kuKrestu nembatha uKrestu.” Galathiya 3:27.

Babhaphathizelwa kumaphi amava labo ababhaphathizelwa kuKrestu?

“Kumbe anazi yini ukuthi sonke esabhaphathiselwa kuKrestu Jesu, sabhaphathiselwa kukho ukufa na.” Roma 6:3.

Uchazwa kanjani lowombhaphathizo?

“Ngakho sembelwa naye ngokubhaphathiselwa kukho ukufa ukuba njengalokho uKrestu wavuswa kwabafileyo ngenkazimulo kaYise, kanjalo nathi sihambe ekuphileni okusha.” Vesi4.

Ingabe siphelele kangakanani ebunyeni noKrestu kanye namava okufa kwakhe kanye novuko lwakhe?

“Ngokuba uma sihlanganisiwe kanye naye ngokufa okufanayo, siyakubanjalo nangokuvuka.” Vesi 5.

Yimuphi umbuzo owabuzwa ngumthenwa kuFiliphu emva

kokushumayela kwakhe ngoJesu kuye?

“Kwathi besahamba endleleni, bafika emanzini. Umthenwa wathi: Bhaka nanka amanzi, kwalani ukuba ngibhaphathizwe na?” Izenzo 8:36.

Wabe esemyisa kuphi ukuze ambhaphathize?

“Wayala ukuba inqola ime. Behlela emanzini bobabili, uFiliphu nomthenwa wambhaphathiza.” Vesi 38.

Ekuqaleni komsebenzi wakhe, yisiphi isibonelo uJesu asibeka phambi kwabalandeli bakhe?

“Khona uJesu evela eGalile wafika kuJohane eJordan ukuba azobhaphathiswa nguye.” Mathewu 3:13.

ISipho Sokupha

Wathini uJesu ngesibusiso sokupha?

“Kukho konke ngangikhombisa ukuthi kumelwe ukuba nsize ababuthakathaka ngokusebenza okunje, nikhumbule futhi amazwi eNkosi uJesu ukuba yena wathi: kubusisiwe ukupha kunokwamukela.” Izenzo 20:35.

Yikuphi ukuzila okungokwamukelekile kuNkulunkulu?

“akusikho lokhukuzila engikukhethileyo yini...akusikho ukwabela abalambileyo isinkwa sakho nokuyisa abampofu nemihambima ekhaya lakho, nokwembesa ohambaze, lapho umbonayo, nokungazisithezi kwabayinyama yakho na.” Isaya 58:6-7.

Iyiphi indlela eyodwa okumele siyilande ebonisa inhlonipho kuNkulunkulu?

“Dumisa uJehova ngempahla yakho, nangolibo lwazo zonke izithelo zakho.” Izaga 3:9.

Iyiphi ingxenye yenzuzo yethu uNkulunkulu athi ingeyakhe?

“Nokweshumi konke kwezwe, okwembewu yezwe noma okwezithelo zemithi kungokukaJehova kungcwele kuJehova.” Levitikusi 27:30.

Kwa – Israyeli okweshumi kwabe kuxhasa muphi umsebenzi futhi kwakunikezelwa kobani?

“Bhekani, ngibanikile abantwanabakaLevi konke okweshumi kwalsrayili kube yifa labo, ngomsebenzi abawusebenzayo, inkonzo yethende lokuhlangana.” Numeri 18:21.

Umuntu uba necala lani uma engalethi okweshumi neminikelo?

“Umuntu angaphanga uNkulunkulu

na? Nokho niyangiphanga. Besenithi siku phange kanjani na? Ngokweshumi nangokweminikelo.” Malaki 3:8.

Uthi uNkulunkulu simvivinye ngani, kuphezu kwamuphi umgomo lapho esethembisa izibusiso ezinkulu?

“Ngenisani konke okweshumi endlini yengcebo ukuba kube ngokudla endlini iyami, ningivivinye ngalokhu, usho uJehova sebawoti umangingayikunivulela amafasitela asezulwini, nginithululele isibusiso kunokwaneleyo. Ngenxa yenu ngiyakukhuza okudlayo, kungachithi izithelo zomhlabathi nemivini yenu ayiyikuphutha endle kusho uJehova Sebawoti. Vesi 10-11.

Kumele sinikele ngomoya onjani?

“Yilowo nalowo anikele njengalokho azikhethela kona enhliziyweni kungabi ngokudabuka nangokocindezelwa, ngokuba uNkulunkulu uyamthanda onikelayo ethokoza.” 2 KwabaseKorinte 9:7.

Wathini uJesu mayelana nokupha?

“Kubusisekile ukupha kunokwamukela.” Izenzo 20:35.

Izipho zethu zamukelwa nxa kunjani?

“Ngokuba uma uthando lukhona, kwamukeleka njengalokho umuntu anakho, kunjengalokho angenakho.” 2 KwabaseKorinte 8:12.

Njengoba uJesu athuma abafundi bakhe ukuba bashumayeke, baphulukise abagulayo futhi bavuse nabafileyo, wathini kubo?

“Namukelisiwe ngesihle, yiphani ngesihle.” Mathewu 10:8.

Ukuba Nempilo Enhle

Umphostoli UJohane wamfisela ini uGeyisi?

“Sithandwa, kunakho konke ngikufisela ukuba ube nenhlankhla njengokuba umphefumulo wakho unenhlahla.” 3 Johane 2.

Yingani impilo yomzimba kumele inakekelwe?

“Ngokuba nathengwa ngenani elikhulu. Ngakho-ke mbongeni uNkulunkulu emizimbeni yenu.” 1 KwabaseKorinte 6:20.

Kufanele umzimba uphathwe kanjani?

“Kepha anazi yini ukuthi imizimba yenu iyithempeli likaMoya oNgcwele okinina, enimamukele kuNkulunkulu, nokuthi anisibo abenu na.” Vesi 19.

Ubumnene bunamuphi umthelela

empilweni?

“Inhliziyo eyenamileyo iyikhambi elihle.” Izaga 17:22.

UJesu wayebaphumuza kanjani abafundi bakhe?

“Wayesethi kubo:zanini nina nodwa endaweni eyihlane niphumule incosana.” Marku 6:31.

Kufanele siyilethe injani imizimba yethu kuNkulunkulu?

“Ngakho ngiyanincenga...ninikele imizimba yenu ibengumnikelo ophilileyo, ongcewele, othandeka kuNkulunkulu.” Roma 12:1.

Kubaluleke kangakanani ukulawula imikhuba yethu yempilo?

“Ngakho-ke noma nidla, noma niphuza, noma nenzani, konke kwenzeleni udumo lukaNkulunkulu.” 1 KwabaseKorinte 10:31.

Yisiphi isexwayiso esinikezwa sona ngokuholela abanye ukuba bangazithibi?

“Wo komphuzisa umngani wakhe, axube nokufutheka, amdakise, ukuze abuke ubunqunu bakhe.” Habakuki 2:15.

Ingabe izidakwa zingangena embusweni wezulu?

“Nazifebe, nabakhonza isithombe,... namasela, nabahahayo, nazidakwa, nazithuki, nabaphangi abayikulidla ifa lombuso kaNkulunkulu.” 1 KwabaseKorinte 6:9 10. Bona Isambulo 21:27.

Yini ewumphumela wobubi bokungazithibi?

“Ungabi phakathi kwezinseli zewayini naba yiziminzi zenyama. Ngokuba inseli noyisiminzi bayakuba mpofu.” Izaga 23:20, 21.

Kungathi wani ngokusetshenziswa kukugwayi?

Njengobuthi ugwayi uyingozi enkulu.

Qaphela – “ugwayi ungesinye sezithako ezihloliwe esinobuthi.” (M. Orfila, wabe engumongameli wasePerisi Medical Academy).

Yikuphi ukudla esabe sinikezwe khona ekuqaleni?

“UNkulunkulu wathi: bhekani, ngiyaninika yonke imifino ethela imbewu, esemhlabeni wonke, nemithi yonke okukuyo izithelo zomuthi oveza imbewu, kube ngokudla kwenu.” Genesisi 1:29.

Qaphela – ngamanye amazwi, imifino, okuyizinhlamvu, izithelo, namantongomane.

Uma uNkulunkulu wayekhetha u-Israelayi ukuba abe ngabantu bakhe,

yiziphi izilwane ababengavunyelwe ukuzidla ezibizwa ngokuthi zingcolile?

Levitikusi 11 kanye noDuteronomi 14.

Bakuphi Abafileyo?

Lithini iibhayibheli ngokufa?

Kepha asithandi, bazalwane, ukuba ningabi nalwazi ngabalalayo, ukuze ningadabuki njengabanye abanganalo ithemba.” 1 Kwabasethesalonika 4:13. bona 1 Kwabasekorinte 15:18,20, ngokukaJohane 11:11-14.

“Abaningi abalele emhlabathini wothuli bayakuvuka.” Daniyel 12:2 bona uMshumayeli 3:20; 9:10.

Ingabe abalungileyo abafile basezulwini badumisa uNkulunkulu na?

“Ngokuba uDavide akenyukelanga ezulwini.” Izenzo 2:34. “Abafileyo abamdumisa uJehova, qha noyedwa kwabehlelayo ekuthuleni.” Amahubo 115:17.

Ingabe umuntu uyazi ngoNkulunkulu nxa esekufeni?

“Ngokuba akukho ukukhumbula wena ekufeni.” Amahubo 6:5.

Yini umuntu okulesisimo ayaziyo ngomndeni wakhe na?

“Amadadana akhe ayadunyiswa engazi yena ayeyiswa engakuqondi” Jobe 14:21.

Imicabango yomuntu iba yini ekufeni?

“Umoya wakhe uyaphuma, yena abuyele emhlabathini wakhe, ngalona lolosuku amacebo akhe ayaphela.” Amahubo 146:4.

Ingabe ikhona into eyaziwa ngabafileyo?

“Ngokuba abaphilayo bayazi ukuthi bayakufa kepha abafileyo abazilutho, futhi abasenawo umvuzo ngokuba ukukhunjulwa kwabo seku khohlakele.” Umshumayeli 9:5.

Ingabe banaso isabelo kokwenziwayo lapha emhlabeni?

“Uthando lwabo, nokuzonda kwabo, nomhawu wabo sekuphelile, futhi abasenaso isabelo nanini kukhokonke okwenziwa phansi kwelanga.” Vesi 6.

Luyoba nini uvuko lwabangcewele?

“Ngokuba iNkosi uqobo, iyakwehla ezulwini ngezwi lenhlokomo ngephimbo lengilosi enkulu nangecilongo likaNkulunkulu, nabafileyo kuKrestu bayakuvuka kuqala.” 1 KwabaseThesalonika 4:16.

Yini eyehlela umuntu wonke ngenxa yesono?

“Ngokuba njengalokhu bonke kuAdam bayafa.” 1 KwabaseKorinte 15:22. Bona Roma 5:12.

Kungakanani esikwenzayo emva kokufa?

“Konke isandla sakho esikufumanayo ukukwenza, kwenze ngamandla akho, ngokuba akukho msebenzi, namcabango, nakwazi, nakuhlakanipha endaweni yabafileyo, lapho uya khona.” Umshumayeli 9:10.

Elikabani iphimbo elivusa abafileyo?

“Ningamangali ngalokho, ngokuba isikhathi siyeza, lapho bonke abasemathuneni bayakulizwa izwi layo, abenze ukulunga baphumele ekuvukeni kokuphila, abenze okubi ekuvukeni kokulahla.” NgokukaJohane 5:28, 29.

Yimaphi amazwi asetshenziwe achaza ukunqoba ukufa kanye nethuna?

“Kufa kuphi ukunqoba kwakho na? Kufa, luphi udosi lwakho na?” 1 KwabaseKorinte 15:55.

Bayofana nobani labo abozovuka ekufeni?

“Lapho futhi silindela khona ukuba kuvele uMsindisi iNkosi uJesu Krestu, oyakuguqula isimo somzimba wethu wokuthotshiswa, ufane nomzimba wakhe wenkazimulo.” Filiphu 3:20, 21.

Isabatha.

Isabatha labakhona nini futhi lenziwa ubani?

“Kwase kupheleliswa izulu nomhlaba kanye nombuthano wakho wonke. uNkulunkulu waqeda ngosuku lwesikhombisa imisebenzi yakhe abeyenzile, waphumula ngosuku lwesikhombisa emisebenzini yakhe abeyenzile.” Genesisi 2:1, 2.

“UNkulunkulu walubusisa usukulwesikhombisa, walingcwelisa, ngokuba ngalolosuku waphumula emisebenzini yonke abeyidalile uNkulunkulu, wayenza.” Vesi 3.

Kungani kufanele sigcine isabatha lingwele?

“Ngokuba ngezinsuku eziyisithupha uJehova wenza izulu nomhlaba, nolwandle, nakhokonke okukoko, waphumula ngosuku lwesikhombisa, ngalokho uJehova walibusisa usuku lwesabatha walungcwelisa.” Eksodusi 20:11.

Qaphela – Isabatha liyisikhumbuzo sokudala. uNkulunkulu walenza ngoba azi ukuthi ngokuligcina lingwele sizokwazi ukumkhumbula njengoNkulunkulu weqiniso,

noNkulunkulu ophilayo, umdali wezinto zonke.

Yilupni usuku oluyisabatha?

“Kepha usuku lewikhombisa luyisabatha likaJehova uNkulunkulu wakho;” Eksodusi 20:10.

Ingabe isabatha kwabe kuwusuku uNkulunkulu ahlose ukuba kukhonze ngalo na?

“Umsebenzi uyakwenziwa izinsuku eziyisithupha kepha ngosuku lwesikhombisa kuyisabatha lokuphumula okuzothileyo.” Levitikusi 23:3.

Gaphela – ukuhlanyanisa ndawonye kwabantu (convocation).

Yisiphi esinye isizathu esenza uNkulunkulu ukuba asiphe isabatha?

“Ngabanika futhi amasabatha ami abeyisibonakalisile phakathi kwami nabo, ukuze bazi ukuthi nginguJehova obangcweliso.” Hezekeli 20:12.

Ingabe abahlengiweyo bayohlanganyela kangakhi ukumkhonza uNkulunkulu?

“Ngokuba njengokuba izulu elisha nomhlaba omusha engiyakukwenza kuyakuma phambi kwami, usho uJehova, kanjalo kuyakuma inzalo yakho negama lakho. Kusukela ekwethwaseni kwenyanga kuye kwenye, kusukela kwelinye iSabatha kuye kwelinye yonke inyama iyakufika ukukhuleka phambi kwami, kusho uJehova.” Isaya 66:22, 23.

Ngokwebhayibheli liqala nini isabatha?

“Kwaba ngukuhlwa, kwaba ngukusa usuku lokuqala...kwaba ngukuhlwa, kwabangukusa usuku lwesibili.” Genesisi 1:5, 8, 13, 23, 31, Levitikusi 23:32, bona Marku 1:32.

Ingabe uKrestu waligcina yini isabatha ngesikhathi elapha emhlabeni?

“Wangena esinagogeni ngosuku lwesabatha njengokwenza kwakhe, wasukumela ukufunda.” Luka 4:16.

Yize – ke noma uNkulunkulu engumdali futhi eligcina isabatha, ingabe wayeqashwe kanjani ukuthi uyakwena lokhu?

“Ababhali nabaFarisi bamqaphelisisa ukuthi uyaphilisa yini ngesabatha, ukuze bathole ukumbeka icala.” Luka 6:7.

UJesu wabhekana kanjani nemicabango yabo engeyona yokugcina isabatha?

“UJesu wathi kubo: Kuvunyelwe ngesabatha ukwenza okuhle noma okubi ukusindisa umuntu noma

ukumbulala na.” Vesi 9.

USuku Luka Nkulunkulu.

Yiluphi usuku uJohane umambuli athi usemoyeni ngalo?

“Ngangikumoya ngosuku lweNkosi.” Isambulo 1:10.

Umthetho uthi yiluphi usuku lukaNkulunkulu?

“Usuku lwesikhombisa luyiSabatha likaJehova.” Eksodusi 20:10.

Uthini umprpfethi u-Isaya nxa ekhulumela uNkulunkulu ebiza usuku lwesikhombisa ngokuthi yisabatha?

“Usuku lwami oluNgcwele.” Isaya 58:13.

Ingabe yiluphi lolusuku uJohane abe esemoyeni ngalo?

Olwesikhombisa – uma wabe ebala ngendlela esibala ngayo izinsuku zeviki.

Gaphela – Alukho usuku evikini uNkulunkulu alubiza ngokuthi olwakhe ngaqhandle kwesabatha.

Ingabe uJesu waligcina isabatha?

“Wangena esinagogeni ngosuku lweSabatha njengokwenza kwakhe, wasukumela ukufunda.” Luka 4:16, “Mina ngigcinile imiyalo kababa.” Johane 15:10.

Ingabe abalandeli bakhe baligcina yini isabatha emva kokufa kwakhe?

“Base bebuyela emuva, balungisa amakha namafutha, kepha ngeSabatha baphumula njengokomthetho.” Luka 23:56,

“Ukuba bonke bazise iNdodana, njengokubabazisa uyise. Mina noBaba simunye.” Johane 5:23, 10:30.

Yikuphi lokhu uJesu azibiza ngokuthi uyinkosi yakho?

“Indodana yomuntu yiNkosi neyeSabatha.” Mathewu 12:8, Marku 2:28

Ubani owenza isabatha?

“Izinto zonke zenziwa yiyo(uKrestu uyizwi).” NgokukaJohane 1:3.

Yiluphi usuku olwandulela usuku lokuqala lweviki?

“Kepha ekupheleni kweSabatha ngovivi ngosuku lokuqala lweviki.” Mathewu 28:1.

Gaphela – ngokwethemende entsha – isabatha ladlula kwase kuqala iviki.

Yiluphi usuku evikini oluyisabatha ngokomthetho?

“Kepha usuku lwesikhombisa luyiSabatha likaJehova uNkulunkulu wakho.” Eksodusi 20:10.

Gaphela – kuwubufakazi ukuthi isabatha ethestamnteni entsha liyafana nakwendala. Ayikho into ethestamnteni entsha ebeka isabatha eceleni bese indawo yalo ithathwa usuku lokuqala lweviki.

“Nakhu ukubekezela kwabangcwele abagcina imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa nguJesu.” Isambulo 14:12.

Ukuguqulwa kweSabatha

Kwaqala kanjani ukukhonza ngesonto?

Abaningi bakholelwa ukuthi uKrestu waliguqula isabatha. Emazwini akhe siyabona ukuthi wayengazelanga lokho. Ngakho – ke ukuguqulwa lokhu kumele sikubheke kwenye indawo.

Entshumayelweni yakhe wathini uJesu ngomthetho?

“Ningathi ngize ukuchitha umthetho nabaprofethi, angizanga ukuchitha, ngize ukugcwaliswa.” Mathewu 5:17.

“Kuze kudlule izulu nomhlaba, akusoze kwadlula gamana linye nasicashana sinye somthetho, kuze kufezuke konke.” Vesi 18.

UNkulunkulu nxa ekhuluma encwadini kaDanieli wathi amandla amelwe “uphondo oluncane” azocabanga ukwenzani?

“Iyakukhuluma amazwi ngoPhezukonke, ikhathaze abangcwele boPhezukonke, iyakuhlosa ukuguqula izikhathi nomthetho.” Danieli 7:25.

Yimuphi umbuso othi unamandla ukuguqula umthetho kaNkulunkulu?

Amandla obuphapha (papacy).

Gaphela- “uPapa unamandla amakhulu ukwenza, achaze noma aphenandle nemithetho engcwele.

Upapa uyakwazi ukuguqula umthetho, ngoba phela ethi amandla akhe akuwona awomuntu kodwa aNkulunkulu, futhi usebenza njengomeli kaNkulunkulu lapha emhlabeni.” Icashunwe kwiLucius Ferarisi, Promta Biblioteca.-(Ready Library), “Papa,” part.2.

Umthetho wesine.

“Ibandla lamaRoma lahlehliisa umthetho wesine ngokuba lichithe isabatha elamiswa nguNkulunkulu lase libeka isontol (Sunday) njengosuku lokuphumula.” N Sumerbell, History of the Christian Church. (1873) ikhasi415.

“Isonto (Sunday) njengosuku olubekwe eceleni lokukhonza uNkulunkulu, ngakho yonke imisebenzi iyamiswa, ukudayisa, umhlaba wonke uzakukhonza uNkulunkulu. Lokhu kuqanjwe ibandla lamaRoma. Tha

American Catholic Quarterly Review, January, 1883, Ikhasi152,139.

“Uma inkolo yobuProthestani ibingalandela ibhayibheli bekufanele bakhonze uNkulunkulu ngesabatha (Saturday).

Ngokugcina iSonto (Sunday) balandela umthetho webandla lamaRoma.” Albert Smith Chancellor of the Archdiocese of Baltimore ephendula iCardinal encwadini yangomhlaka 10 February 1920.

Yiziphi izimfundiso ezifakiwe esikhundleni samazwi aphilayo?

“Kodwa bangikhonza ngeze befundisa izimfundiso eziyimiyalo yabantu...wayesethi kubo: Yebo nichitha umyalo kaNkulunkulu ukuba ngicine imiyalo yenu.” Marku 7:7 – 9,

“Koze kube nini nimanqikanjika phakathi kwezinhlangothi ezimbili na? Uma uJehova enguNkulunkulu, mlandeleni yena, kepha uma kungubhali, mlandeleni yena.” 1Amakhosi 18:21,

“Lelivangeli lombuso liyakushunyayelwa ezweni lonke, kube ngubufakazi ezizweni zonke, andukuba kufike ukuphela.” Mathewu 24:14.

UMlayezo Wokugcina kaNkulunkulu

Emhlabeni Wesono

Mfundi kulelibhukwana uchazelwe kahle ivangeli ngoJesu Krestu njengoba linikeziwe ebhayibhelini elingcwele, hayi ngokwezimfundiso nezinkolelo zabantu.

“Isho ngezwi elikhulu, ithi: Mesabeni uNkulunkulu, nimnike inkazimulo, ngokuba ihora lokwahlulela kwakhe selifikile” Isambulo 14:7.

Ukwahlulela kukaNkulunkulu kuqale ngo1844. Kwaqala ngabafileyo. Abafileyo abekho ezulwini, balele emangcwabeni abo, balindele ukuvuka. “Abanye bavukele ukuphila okuphakade, abanye ihlazo nokunengwa okuphakade.” Danieli12:2.

Masinyane, akekho owaziyo ukuthi masinyane kangakanani, ukwahlulela kuyoqala kwabaphilayo.

“Nikhuleke kuye owenza izulu nomhlaba nolwandle nemithombo yamanzi.” Isambulo 14:7.

Akukho muntu, upapa, umpri, noma umshumayeli, ongakwazi ukuxolela izono. Akukho muntu

okufanele ukuba akhonzwe. UJesu wathi kuye; "Suka Sathane, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze yena yedwa." Mathewu 4:10.

UMariya umama kaJesu usengcwabeni lakhe akakwazi ukusinceda.

"Mina noBaba simunye. AbaJuda base bebuye bethahta amatshe ukuba bamkhande. UJesu wabaphendula wathi: Nginitshengise imisebenzi eminingi emihle evela kuBaba: Yimuphi umsebenzi kulena enigikhandela wona na? Bamphendula abaJuda, bathi; Asikukhandi ngenxa yomsebenzi omuhle kepha ngenxa yokuhlambalaza, ngokuba wena ungumuntu ozenza uNkulunkulu." NgokukaJohane 10:30 - 33.

"Nenhamba yabathi banamaJuda bengasibo, (abantu bakaNkulunkulu beqiniso) kepha beyisinagoge likaSathane." Isambulo 2:9.

"Yathi kimi... ngokuba isikhathi siseduze. Ongalungile makenze njalo okungalungile nongcolileyo makazingcolise njalo, ... "Bheka ngiyeza masinyane, nomvuzo wami unami ukumnika yilowo nalowo njengokomsebenzi wakhe. .. "Ngaphandle kukhona izinja, nabathakathi, nezifebe, nababulali, nabakhonza izithombe, nabobonke abathanda nabenza amanga." Isambulo 22:10 - 12, 15.

Yayisilandela enye ingelosi, ithi: Liwile, liwile iBhabhiloni elikhulu." Isambulo 14:8.

Ubani iBhabhiloni?.

Incwadi yesambulo ithatha amagama kanye nezindawo kanye nezehlo ezenzeke ngempela kwithestamende endala bese izisebenzisa ngendlela yezimpawu kwithestamende entsha.

Kwisambulo iBhabhiloni lichaza amabandla awile:

"Eliphuzise izizwe zonke iwayini lolaka lobufebe balo." Isambulo 14:8.

UBhelshazari wahlambalaza uNkulunkulu ngokuthi asebenzise izitsha ezingcwele ukuba aphuze utshwala.

"Baphuza iwayini, batusa onkulunkulu begolide, nabesiliva, nabethusi, nabensimbi, nabomuthi, nabetshe." Daniyeli 5:4.

"IBabele beliyindebe yegolide esandleni sikaJehova eyadakisa umhlaba wonke; Izizwe zaliphuza iwayini lalo, nalokho izizwe ziyahlanya."

Jeremiya51:7.

**Ibhabhiloni iwuphawu
LWEZINKOLO zamanga, IWAYINI
LIMELE IZIMFUNDISO ZAZO.**

"Kwase kuza enye yezingelosi eziyisikhombisa ezazinezitsha eziyisikhombisa, yakhuluma nami, yathi: Woza lapha ngikutshengise ukwahlulelwa kwesifebe esikhulu esihlezi phezu kwamanzi amaningi (yayisithi kimi; amanzi owabonayo, lapho sihlezi khona isifebe, angabantu, nezixuku, nezizwe, nezilimi. Isambulo 17:15) afeba naso amakhosi omhlaba, nabakhileyo emhlabeni badakiswa iwayini lobufebe baso... Nowesifazane wayembethe okububende nokubomvu, evunule ngegolide nangamatshe anenani nangamaparele, ephethe isitsha segolide ngesandla sakhe, sigcwele amanyala nokungcolileyo kobufebe bakhe;

"Nasebusweni bakhe kulotshiwe igama ELIYIMFIHLAKALO LOKUTHI: BHABHILONI ELIKHULU, UNINA WEZIFEBE NOWAMANYALA OMHLABA." Isambulo 17:1 - 6.

OWESIFAZANE ngokwesiprofetho umele ibandla, ibandla leqiniso noma okungelona eleqiniso.

Owesifazane onobubi (ibandla lamanga) ubizwa ngokuthi isifebe. Bona Isambulo 17:1.

Owesifazane olungile (ibandla leqiniso) libizwa intombi nto. Bona Isambulo 14:4.

Owesifazane omubi ufeba namakhosi omhlaba. Bona Isambulo 17:2.

Owesifazane olungile ushade noKrestu. Bona 2KwabaseKorinte 11:2.

Owesifazane omubi wembethe okububende nokubomvu, evunule ngegolide namatshe anenani eliphezulu. Bona Isambulo 17:4.

Owesifazane olungileyo wembethe ilineni elicolekileyo elihlanzekile futhi elimhlophe. Bona Isambulo 19:8.

Owesifazane omubi ufundisa ngamasiko, namanyala obufebe bakhe. Bona Isambulo 17: 4.

Owesifazane olungile ufundisa izwi likaNkulunkulu eliNgcwele. Bona Isambulo 14:5.

Owesifazane omubi wenza ukuba umhlaba uphoqwe umthetho ukuba uhloniphe imthetho yenkolo esungulwe abantu. Bona Isambulo 13:15.

Owesifazane olungile ugcina imithetho kaNkulunkulu. Bona Isambulo 19:20.

Owesifazane olungile uyoma

noNkulunkulu olwandle lwesibuko. Bona Isambulo 15:2.

"Emva kwalokho ngabona enye ingelosi yehla ezulwini, inamandla amakhulu nomhlaba wakhanyiswa ngokukhazimula kwayo. Yamemeza ngezwi elinamandla, yathi: Liwile, liwile iBhabhiloni elikhulu, selibe yindawo yokuhlala amademoni, nendawo yokubopha bonke omoya abangcolileyo, nendawo yokubopha zonke izinyoni ezingcolileyo nezizondekayo. Ngokuba izizwe zonke ziphuzile iwayini lobufebe balo, namakhosi omhlaba afebile nalo, nabathengisi bomhlaba bacebile ngamandla okutamasa kwalo. Ngase ngizwa elinye izwi livela ezulwini, lithi: Phumani kulo, bantu bami, ukuze ningahlanganyeli nazo izono zalo, nokuba ningamukeli okwezinhlu pho zalo." Isambulo 18:1 -4.

"Yalandela enye ingelosi yesithathu, ithi ngezwi elikhulu: Uma kukhona okhulekayo kuso isilo nomfanekiso waso." Isambulo 14:9.

Singubani Isilo (simele bani)?

Umprofethi uDaniyeli wayenemibono kanye namaphupho, wabe esebona izilo ezine ziphuma olwandle, zazehlukile zingafani.

"Esokoqala sasifana nebhubezi." Daniel 7:3-4.

IBHABHILONI, Ibuse umhlaba kusuka ngo 606 kuya ku 539 B.C.

"Esinye, isilo ... sabe sifana nebele...saziphakamisa ngohlangothi oludodwa"

Daniel 7:5. Lolu olunye uhlangothi lwabe lunamandla kunolunye.

AMAMEDI NAMAPESHIYA(medes and persians) abusa umhlaba kusuka ku 539 kuya 331 .B.C.

AmaPhershiya abe enamandla, avela ekugcineni. "Bheka... esinye sifana nengwe" Daniyeli 7:6. IGREECE yabusa umhlaba kusuka ku 331 kuya ku 168 B.C.

"Bheka isilo sesine, esithusayo nesesabekayo,... sinamazinyo ensimbi sanyathela sagxoba ngonyawo lwaso: sabe sinezimpondo ezilishumi." Daniyeli 7:7.

IROMA yabusa umhlaba kusuka ngo 168 B.C. kuya ku 538 A.D. . Isilo sesine siyakuba umbuso wesine emhlabeni , Daniyeli 7:23.

U m b u s o w a m a R o m a wawehlukaniswe waba imibuso elishumi A.D 531 no 476. Daniyeli 7:8. "Ngokuba izimpondo; bheka,

kwavela phakathi kwazo olunye uphondo , oluncane, okungaphambi kwalo ezintathu zezimpondo zokuqala; futhi bheka , kulolophondo kwakukhona amehlo anjengamehlo omuntu nomlomo okhuluma izinto ezinkulu."

Uphondo oluncane luyisilo esiku Sambulo 14:9, Upapa (**The PAPACY**).

Ngaphambi kokuba ibandla lobupapa libe namandla ngokugcwele ukulawula umbuso, kwakufunele lisuse kuqala izimpondo ezintathu kwezilishumi. uHeruli, uVandasi (vandals) no Ostrogoths. Lombuso we Ariyani (Arian) waphela nya ngo A.D. 538. Kusuka ngo 1260 weminyaka ngo A.D 538 kuya ku 1798. Bona isithombe.

"Ngisabheka loluphondo lwalwa nabangcwele, lwabahlula. ... luyakukhuluma amazwi ngoPhezukonke, lukhathaze abangcwele boPhenzonke; iyakuhlosa ukuguqula izithathi nomthetho; bayakukhashelwa esandleni sayo kuze kube yisikhathi nezikhathi nengxenywe yisikhathi." Daniyeli 7:21-25.

"Nomuzi ongcwele (ibandla) ziyakunuyathela phansi izinyanga ezingamashumi amane nambili." Isambulo 11:2.

"Owesifazane (ibandla leqiniso) wayesebalekela ehlane, lapho enendawo ayilungiselwe nguNkulunkulu ukuba bamondle izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha." Isambulo 12:6.

Ibandla leqiniso lahlushwa yibandla lamaRoma iminyaka engu 1260 AD 538 kuyaku 1798.

Izigidi Ngezigidi Ezafela Inkolo

"Ibandla laseRoma lichithe igazi eliningi elingenacala ukwedlula yonke imibuso eke yabusa. Lokhu kungebuzwe yinoma imuphi umProtestani onolwazi ngalokhu okwenzeka emlandweni. Ngeke sakwazi ukunikeza isithombe esicacileyo ngesixuku sabantu abathinteka. Kuyabonakala ukuthi nemicabango yethu ingeze yabufinyelela lobubuhlungu kanye nokushushiswa." W.E.H. Lecky, History of the Rise and influence of the Spirit of Rationalism in Europe. Vol. 2:32. 1910 edition.

Isiqeshana esithathekiso, eside nokho, esichaza ngokugcwele igunya lebandla lamaRoma ukuba lenze lokhu. Kutholakala kwi Catholic Encyclopedia, vol. 12:266.

Loluhla lwemibhalo lusinceda ukuba siqonde izithathi-usuku lulingana nonyaka:

“Njengokomomo wezinsuku enahlola ngazo izwe, izinsuku ezingamashumi amane, umnyaka ngosuku” Numeri 14:34.

“Ngikunqumele izinsuku ezingamashumi amane, yilolo nalolosuku lube ngumnyaka.” uHezekeli 4:6.

“Bayakukhashelwa esandleni sayo kuze kube yisikhathi nezikhathi nenxenze yesikhathi.” Daniyeli 7:25.

“Isikhathi, nezikhathi, nengxenze yesikhathi.” Isambulo 12:14

Isikhathi = nonyaka owodwa (Time = 1 year)

Izikhathi = Iminyaka embili (Times = 2 years)

Ingxenze yesikhathi = ingxenze yonyaka (Half a time = one half year)

Ngokusebenzisa indlela yesiprofetho, unyaka noma isikhathi nezinsuku ezingu-360 (3 ½ times = 3 ½ x 360 = 1260 days).

Usuku = nonyaka; 1260 wezinsuku = 1260 weminyaka.

awukho umbuso olingana nowayo.” Ingabe lokhu kuwukufana noJesu noPetru awayethobile?

Kepha upapa uzishaya isifuba “Owami umbuso akuwona owalomhlaba.” Ingabe uyoba namandla edlulele na?” D’ Aubigne, B, Ch.3.

uLuther uthi, “ngiyawugxeka futhi ngilwisana nawo...Ngiyathokoza ngokuthwala ubuhlungu ukuba ngizuze okuhle. Ngempela ngizwa inkululeko enkulu enhliziyweni yami; ngoba ekugcineni sengiyazi ukuthi upapa ungumphikuKrestu futhi usesihlalweni sikaSathane uqobo lwakhe.” D’ Aubigne, B. 6, Ch.9.

Ukuzama uKuguqula iSabatha

Umbuso wobuPapa uzakuzama “ukuguqula izikhathi nemithetho.” Dan 7:25. uPapa unegunya namandla ngangokuthi angakwazi ukulungisa, achaze noma aphenjule umthetho ngoba phela amandla akhe akuwona awomutu, kodwa akaNkulunkulu futhi uziphathisa okukaNkulunkulu lapha emhlabeni.” Lucius Ferreris Promta Biblioteka, Popa Art.2.

“Ngempela ibandla lamaKatolika liyavuma ukuthi ukuguqulwa kwesabatha liyiswa esontweni (Sunday) kwaba umsebenzi walo. Yabe ingephuphe ukwenza noma yini kwezikamoya, nokushumayela kanye nezenkolo ngaphandle kwalo ibandla. Lesisenzo SIWUPHAWU lwamandla kwezenkolo.” James Cardinal Gibson encwadini ayibhalela J. F. Snyder wase Bloomington, 11 Nov 1895.

UMBUZO – “Ingabe unayo enye indlela yokubonisa ukuthi ibandla lamaKatolika linawo yini amandla okwengeza emithethweni?

IMPENDULO “Uma belingenawo lawomandla ngabe lingazange lenza inkolo yaba isimanjemanje ngokuvuma kwalo ukuba kukhonze ngesonto okuwusuku lokuqala lweviki, esikhundleni sokugcinwa kwesabatha (Saturday) okuwusuku lwesikhombisa. Uguquko olongenagunya eBhayibhelini” Priest Stephen Keenan. A doctrinal Catechism, Chap.2, 174

“Ngicela ninigibonise ebhayibhelini kuphela ukuthi Ingabe kufanele yini ukuthi ngigcine isonto njengosuku olungcwele. Awukho umthetho onjalo eBhayibhelini! Kungumthetho webandla lamaRoma kuphela. IBhayibheli lithi “Khumbula usuku lweSabatha ulungcwele.” Ibandla

lamaRoma lithi, Qha! ngamandla aphezulu ngiyalichitha usuku lweSabatha, futhi ngianxusa ukuba nigcine usuku lokuqala lweviki. Namabandla wonke umhlaba uguqa ngobungcwele nokuhlonipha umthetho webandla lamaKatolika angcwele.” Prrest Thomas Enright, C.S.S.R, Umongameli we Redemptionist College, Kansas City, MO esifundweni sase Hartford, Kansas, Feb. 18, 1884, nase American Sentinel, a Roman Catholic journal yango 1893; 173.

Akekho umuntu ongaphendula imithetho kaNkulunkulu engcwele, umuntu uyaye acabange ukuthi angakwazi. uJesu wathi, “Ninacabangi ukuthi ngize ukuchitha umthetho kanye nabaprofethi angizanga ukuchitha umthetho kodwa ukuwugwalisa.”

“Ngicqinise ngithi kini, kuze kudlule izulu nomhlaba akusoze kwadlula –gamana linye nasicashana sinye somthetho, kuze kufezuke konke.” ngokukaMathewu 5:17-18.

uPawulu uyabhala: “Makungabikho muntu onikholisayo nangayiphi indlela; ngokuba aluyikufika, kungaveli uqala ukuhlubuka, kwambulwe umuntu ongenamthetho, indodana yokulahlwa, omelana nakho konke, nozikhukhumeza phezu kwakhokonke okuthiwa uNkulunkulu noma into ekhonzwayo, aze azihlalise ethempelini lika Nkulunkulu ezishaya uNkulunkulu.” 2kwasethesalonika 2:3-4.

“Upapa uhlonishwa kakhulu futhi akathathwa njengomuntu nje kodwa njengoNkulunkulu- Ngenxa yamandla akhe amakhulu ubizwa umbhishobhi wabaBhishobhi. uyinkosi ekhethekile nombusi ophakeme, inkosi yamakhosi. Yingakho uPapa ethweswe imiqhele emithathu, inkosi yasezulwini, eyasemhlabeni nasezindaweni eziphansi.” Lucius Ferraris, Prompta Bibliotexca, vol6, p29.

“Elinye lamakhanda aso kungathi lalidebezwe okokufa” Isambulo 13:3.

“Uma ekhona oyisa ekuthunjweni, uya naye ekuthunjweni uma ekhona obulala ngenkemba, uyele naye ukubulawa ngenkemba.” Isambulo 13:10.

Sesibonisile ukuthi uPapa uyakubusa emhlabeni iminyaka engu 1 260 – AD 538 kuyaku 1798. Bona ishadi.

Ng1798 inkolo yamaKatolika yabekelwa ecelini eFransi. Umbutho wama Frenchi, ngaphansi kuka Berthier. Wangena eRoma wavalela uPapa ejele. Unyaka: 10 February

1798. uPapa owabe eboshiwe wafa esekudingsweni ngonyaka olandelayo eValence eFrance. Ukukhala okokhulu kwezwakala “ubuKatolika bufile.” Ubupapa base buthole “inxeba lokufa.” bona Isambulo 13:3. Kepha siyatshelwa ukuthi inxeba lizophola, futhi isikhathi siyeza lapho wonke umhlaba “uzakulandela isilo” I bid.

Ngo 1929 uCardinal Gasparre wahlangana no Premier Mussolini esigodlweni sikaJohn Lateran lapho kwasayinwa khona i (Vatican Treaty) eyabe ibuyisela amandla okwesikhashana kubuPapa. Yabe ibuyiselwa kumbuso ozimele.

Kodwa – ke lelinxeba lokufa alikapholi ngokuphelele. Lelinxeba kwabe kuwukususwa kwebandla laseRoma ekulawuleni umbuso, nxa lelinxeba seliphole ngokuphelele, ibandla laseRoma liyakulawula ezinkantolo. IMelika iyona eyoba inkundla yokuletha lokhu.

“Ngase ngibona esinye isilo siphuma emhlabeni, sinezimpondo ezimbili ezifana nezewundlu, kepha sikhuluma njengodrako. Amandla onke esilo sokuqala siyawenza phambi kwaso. Siyenza ukuba umhlaba nabo bonke abakhileyo kuwo bakhuleke kuso isilo sokuqala esingozi yaso yelashwa.” Isambulo 13:11-12.

Uphawu lwesilo

“Uma kukhona okhuleka kuso isilo nomfanekiso, elwamukela futhi uphawu ebunzini lakhe esandleni sakhe, naye uyakuliphuza iwayini lolaka lika Nkulunkulu elilungisiwe esitsheni solaka lwakhe, lingaxutshiwe, ahlushwe ngomilo nesibabule phambi kwezingelosi ezingcwele naphambi kweWundlu” Isambulo 14:9-10.

UPHAWU LWESILO – ukukhonza ngesonto okuze nomthetho-Lolu UPHAWU lwebandla lamaRoma.

Ibandla lamakatolika lithi, “Ibandla lamaRoma liyaqinisekisa ukuguqulwa kwesabatha libe Isonto yilo.... lesisenzo siwuPHAWU lwamandla alo angekhiswe.” Cardinal Gibbons . 11 Nov. 1895.

Masinyane IMelika izobuyisa amandla okubusa obupapa.

“Futhi sibadukisa abakhileyo emhlabeni ngezibonakaliso esazinikwayo ukuba sizenze phambi kwesilo, sithi kwabakhileyo emhlabeni mabasenzele umfanekiso, isilo, ebesinenxeba lenkemba kepha sasinda. Sanikwa futhi ukuba siwuphe umfanekiso wesilo umoya, ukuze

umfanekiso wesilo ukhulume, senze futhi ukuba bonke abangakhuleki kumfanekiso wesilo babulawe.

Senza futhi ukuba, bonke abancane, nabakhulu, nabacebileyo, nabampofu, nabakhululekileyo nabayizigiga, nabazibeke uphawu esandleni sabo sokunene noma ebunzini labo. Ukuba angabikho ongathenga nokuba athengise, uma engenalo uphawu, igama lesilo noma isibalo segama laso." Isambulo 13:14-18.

IMelika yavuka ngesinyelela emhlabeni ngo 1798, ngesikhathi esifanayo lapho ubupapa buphelelwa amandla. Lesizwe esikhulu saseMelika sinezimpondo ezimbili ezifana nezemvu- isizwe esingenankosi nebandla elingenapapa. Ibandla elazikhukhumeza ngenkululeko yenkolo, nenkululeko yezenhlo. Masinya lesisizwe siyakukhuluma njengodrago.

Umthethosisekelo waseMelika uthi, "inkongolo (congress) ngeze yabeka umthetho ohlonipha ukusungulwa kwenkolo, noma evimbela inkululeko noma ukukhuluma ngokukhululeka noma ilungelo labantu lokuhlanganyela ngokuthula, kanye nokubhekana nombuso ukucacisa ngokuzwa ubuhlungu (grievance).

U – Abraham Lincoln kwidilesi iGettysburg uthi, "uhulumeni wabantu, owenziwe ngabantu futhi osebenzela abantu."

Abantu baseMelika benza umthethosisekelo oqinisekisa inkululeko yezenkolo kuwawonke umuntu. Abantu baseMelika masinya bazoguquka, bavote bese befuna ukuthi inkongolo iguqule umthetho. Ibhayibheli lisitshela ukuthi ngenkolelo yomoya (spiritualism) umhlaba wonke

uyokhohliswa. Kuyobakhona iziphapho ezimangazayo, ukuzamazama komhlaba, indlala, izifo. Nxa isikhathi sisondele ekupheleni lezizehlakalo zizokwanda kakhulu. Abantwana bayogxekwa ngalokhu.

Abezenkolo kanye nabafundisi abaningi bayothi lezizigameko ngeke ziphele ngaphandle kokuba kugcinwe isonto (Sunday) lingcwele yiwo wonke umuntu.

Abantu bayakunxusa ukubekwa komthetho wokugcinwa kwesonto.

IMelika iyakuhola kulokhu, umhlaba wonke bese ulandela.

"Elinye lamakhanda aso kungathi lalidebezwe okokufa, kepha ingozi yaso yokufa yelashwa, umhlaba wonke walandela isilo, umangala:

"Futhi sibadukisa abakhileyo emhlabeni ngezibonakaliso esazinikwayo ukuba sizenze phambi kwesilo, sithi kwabakhileyo emhlabeni mabasenzele umfanekiso isilo, ebesinenxeba lenkamba kepha sasinda." Isambulo 13:14.

Ngabona kuphuma emlonyeni kadrako nasemlonyeni wesilo, nasemlonyeni womprofethi wamanga omoya abathathu abangcolileyo abafana nezingxanga, ngokuba bangomoya bamademoni, benza izibonakaliso, abaphuma beya emakhosini ezwe lonke ukubahlanganisa ekulweni kosuku olukhulu lukaNkulunkulu umninimandla onke." Isambulo 16:13 -14. "Kepha uMoya usho ngokucacileyo ukuthi ngezikhathi zokugcina abanye bakuhlubuka ekukholweni, banaka omoya abadukisayo nezimfundiso zamademoni, ngokuzenzisa kwabaqamba amanga abashiswe uphawu kunembeza wabo." 1kuThimothewu 4:1-2.

Bonke abangavumangaulalela lomthetho bazakwesatshiswa ngokukhipha izinhlawulo, ukuvallelwa emajele kanye nokubulawa ekugcineni.

"Senze futhi ukuba bonke abangakhuleki kumfanekiso wesilo bavalalelwe etilongweni, ekugcineni babulawe." Isambulo 13:15.

Lomthetho wesonto(Sunday law) uzodluliselwa eMelika emva kwalokho umhlaba uyolandela – Mexico, South America, India, Asia, Europe, Russia, Africa kanye nezinye iziqhingi. Wonke umuntu osemhlabeni kuyodingeka ukuba athathe isinqumo, ukuba alalele umthetho kaNkulunkulu noma imithetho yabantu.

"Bayakhuleka kuso bonke

abakhileyo emhlabeni, wonke ogama lakhe lingalotshwanga encwadini yokuphila yeWundlu elihlatshiweyo selokhu kwasekelwa umhlaba." Isambulo 13:8.

"Nomusi wokuhlushwa kwabo wenyuka kuze kube phakade naphakade, abasenakuphumula imini nobusuku abakhuleka kuso isilo nomfanekiso waso nalowo owamukela uphawu lwegama laso." Isambulo 14:11.

Singahle sizibuze umbuzo: UbuPapa baseRoma kuze kanjani ukuba bube namandla?

"Ngase ngibona isilo(IRoma yobuPangani) sikhuphuka elwandle, sinezimpondo eziyishumi namakhanda ayisikhombisa,... nasemakhanda aso kukhona amagama enhlamba.

"Isilo (PapalRome) engasibonayo sasifana nengwe, nezinyawo zaso zazinjengebhere, nomlomo waso wawunjengomlomo wengonyama. Udrako (Papal Rome) wasinika amandla akhe, nesihlalo sakhe sobukhosi, nokubusa okukhulu....

umhlaba wonke walandela isilo, umangala." Isambulo 13:1-3.

Ukususwa kwamandla ombuso eRoma kuKonstantine ngo330, kwashiya Ibandla laseNtshonalanga likhululekile emandleni encindezelo, labe selikwazi ukuzisungulela eyalo inhlango.

Umbhishobhi waseRoma, esesihlalweni sikaKhesari, waba indoda ephakeme enyakatho, masinyane wabe esepheleleka ukuba abe yinhloko kwezepolotiki kanye nezenkolo" A.C Flick, The Rise of the Mediaval Church, p. 168

"Noma ngabe yini eyamaRoma amaqaba kanye namaAyirani ayishiya....naphansi kokuvikelwa Umbhishobhi waseRoma, owaba numphathi emva kokushabalaliswa kombuso...ngaleyondlela ibandla lamaRoma lazisunduzela endaweni yokuba lengamele umhlaba wonke(Roman World Empire), kanti emleni lokhu kwabe kungukuhleka, umbuso wawungazange uphele kepha wawuthathe isimo sokuguquka.

Ake ubuke nanka amsiko amaKatolika kanye nonyaka aqala ngawo:

A.D. 300 – Ukuthandazela abafile kanye nesibonakaliso sesiphambano
321 – Umthetho wokugcinwa kwesonto
375 – Ukukhonzwa kwezingelosi kanye nabafile abangcwele
394 – Ukuqujwa kwemisa lobuhedeni
400 – Ukuhlushwa kwabagcina isabatha elisebhayibheli kuyaqala
431 – Ukuphakanyiswa kukaMariya abizwe ngokuthi "ungumama kaNkulunkulu"
450 – Ukubulawa kwabagcina isabatha
500 – Abapristi bazogqoka ngokwahlukile
526 – Ugcobo olweldulele
593 – Iphagethari
600 – Ulimi lwesilathini kuphela uma kukhulekwa noma kukhonzwa, imikhuleko iyakuqondiswa kuMariya,nabafileyo abangcwele kanye nezingelosi
607 – Ukubizwa ngopapa noma ubhishobhi kwaqala
709 – Ukuqatshulwa kwezinyawo zikapapa
750 – Amandla okubusa kukapapa emhlabeni wonke
786 – Ukukhonzwa kwesiphambano, izithombe, imifanekiso ebaziweyo kanye namathambo
927 – Ikolishi lobukhadinali
965 – Ukubhaphathizwa kwamacilongo
995 – Ukuthatha izimfundiso ngabafileyo abangcwele njengezivela ebhayibheli
998 – Ukuzila ngolwesihlanu kanye nelenti
1079 – Ukungashadi nokuzigcina msulwa kwabafundisi
1090 – Irosali kanye nokuthandaza kusetshenziswa ubuhlalu
1184 – Ukuhlolisiswa kwamakholwa

1190 – Ukuthengiswa kwesitifiketi sokuxolelwa kwezono
1215 – Ukuvunywa kwezono kubapristi hayikuNkulunkulu
1220 – Ukuhlonishwa kwe wofa (wafer)
1229 – Ibhayibheli akufanelwe liphathwe abantukazana
1251 – Isembatho esikhethekile sabapristi
1414 – Indebe eyenqatshelwe kubantu
1508 – Umthandazo ka Ave Mariya othandazwa ngobuhlalu
1524 – Ubufundisi bemfihlo bamaJesuti (Jesuit) baqanjwa
1545 – Amasiko abekwa alingana kanye nemibhalo engcwele
1546 – Izincwadi ze Aprozika zengezwa
1854 – Imfundiso ngo Mariya ocwebileyo
1864 – Ukushumayela ukuthi uMariya wabe engenasono
1870 – Ukufakaza ukuthi upapa akanasono futhi akazange enze isono
1930 – Zonke izikolo zomphakathi ezingezona ezamakatolika zachithwa
1950 – Amahlebezi ngoMariya ocwebileyo asabalala
1965 – UMariya wenziwa umama webandla engeza kulabo abaningi abakhona: amasistela,abafundisi abazigcine bemsulwa, amahemitsi (hermits), amamonasterisi (monasteries), ilenti, iviki elingcwele, isonto lamahlamvu, amanzi angcwele, ulwesithathu lomlotha, usuku lwabangcwele, usuku lwenhlazi, ukuzishayela izono(flagellations), ukushiswa kwempepho, amafutha angcwele, izindondo, njalo njalo.

"Indlela engcono yokuhlonipha uPapa John Paul II, ongomunye wamadoda ahloniphekile, ukuthatha izimfundiso zakhe ngokuzimisela, ukulalela amazwi akhe bese kwenziwa lokhu akushoyo nakufundisayo lapha eMelika. Lena inselelo okumele siyamukele." Umongameli W. Bhush, March 21, 2001.

Maqondana noPapa obekwe kamuva John Paul Building Centre eWashinton D.C, uPapa uthi, "sizoza sizokubukisisa lokhu njenge Vatican yethu encane eMelika." Ibikwe ngu Paul Shepard AP Writer. The daily News, March 24, 2001.

Liyingxenywe yezepolotiki futhi lihlangoza ukuba umbuso wezwe, ngoba kuzobe kuqhubeka umbuso walo (Roman Empire). Upapa ozibiza iNkosi noPontifeksi Makzimasi, wandulela uKesari." Adolf Harnock, What is Christianity? 1903, pp.269-270.

Kunamakholwa eqiniso kwibandla nebandla, nakulo ibandla lamaRoma, abakhonza uNkulunkulu ngesonto. Bakhonze uNkulunkulu ngokukhanya konke abanako.

Abazange bamukela UPHAWU LWESILO. Kepha uma ukukhonza ngesonto sekuphoqwa umthetho, ngakho ke yilowo nalowo oyolalela imithetho yabantu esikhundleni somthetho kaNkulunkulu, uyokwamukela uphawu lwesilo. Bayokwamukela izinhlobo zokugcina eziyisikhombisa.

"Eyokuqala yaya-ke, yathululela isitsha sayo emhlabeni; kwase kuvela isilonda esibi esinobuhlungu kubantu abanophawu lwesilo nabakhuleka kumfanekiso waso. Isambulo 16:2.

Uphawu lukaNkulunkulu

Akuyena wonke umuntu oyakubekwa uPhawu lwesilo: "Ngabona kungathi ulwandle lwengilazi luxubene nomilo, ngabavela ekunqobeni kwaso nesibalo segama laso bemi ngaselwandle lwengilazi, benamahabhu kaNkulunkulu." Isambulo 15:2.

Labo abangeke bamukele uphawu lwesilo, bayokwamukela uPhawu lukaNkulunkulu. Rev. 7:3.

"Yathi ningoni umhlaba, nolwandle, nemithi, size sizibeke uphawu, izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane nane, ababekwa uphawu ezizweni zonke zabantwana bakwalsrayeli." Isambulo 7:3.

"Bopha ubuFakazi uwnamathesile umthetho phakathi kwabafundi bami." Isaya 8:16.

Uphawu luka Nkulunkulu liveza IGAMA, IGUNYAKANYE NOKUBUSA emthethweni Wakhe Ongcwele: "Khumbula usuku lweSabatha ulingcwelise, izinsuku eziyisithupha uyakusebenza uwenze wonke umsebenzi wakho: Kepha usuku lwesikhombisa luyi Sabatha likaJehova uKulunkulu wakho, awuyiku sebenza msebenzi ngalo, wena nendodana yakho, nendodakazi yakho, nenceku yakho, nencekukazi yakho, nenkabi yakho nomfokazi osemzini wakho: "Izinsuku eziyisithupha uJehova wenza izulu nomhlaba nolwandle, nakho

konke okukulo, waphumula ngosuku lwesikhombisa: Ngalokho uNkulunkulu walubusisa walingcwelisa usuku lwesikhombisa." Exodus 20:8-11.

Liwuphawu phakathi kwami nabantwana bakwa Israyeli kuze kube phakade ngokuba ngezinsuku eziyisithupha Jehova walenza izulu nomhlaba, kepha ngosuku lwesikhombisa waphumula, waqabuleka." Exodus 31:17.

"Ningcwelise amasabatha ami, abe yisibonakaliso phakathi kwami nani, ukuze nazi ukuthi nginguJehova uNkulunkulu wenu" uHezekeli 20:20.

Isabatha okuwusuku lwesikhombisa namuhla lisasewusuku lukaNkulunkulu olungcwele. Ukuhlonipha umthetho kaNkulunkulu kuzoba isivivinyo sokugcina SOPHAU LUKAKULUNKULU. Rev. 7:2-3.

"Ngase ngibona enye ingelosi yenyuka empumalanga yathi ningoni umhlaba nolwandle, nemithi size sizibeke uphawu izinceku zikaNkulunkulu wethu emabunzini aza." Isambulo 7:2-3.

"Ngokuba njengokuba izulu elisha nomhlaba omusha engiyakukwenza kuyakuma phambi kwami, usho uJehova kanjalo kuyakuma inzalo yakho negama lakho."

"kusukela ekwethwaseni kwenyanga kuye kwenye, kusukela kwelinye isabatha kuye kwelinye yonke inyama iyakufika ukukhuleka phambi kwami, usho uJehova." Isaya 66:22-23.

"Ngangikumoya ngosuku lweNkosi". Isambulo 1:10.

Yiluphi usuku lukaNkulunkulu?

"Wathi kubo: Indodana yomuntu iyiNkosi neyeSabatha." NgokukaLuka 6:5.

Usuku luka Nkulunkulu wusuku lwesikhombisa lweviiki usuku lweSabatha. (Saturday)

Umthetho wokugcinwa kwesonto uzolwa nabantu bakaNkulunkulu.

"Udrako wamthukuthelela owesifazane, wamuka wayokulwa nabaselyo benzalo yakhe, labo abagcina imiyaloka Nkulunkulu nabanobufakazi bukaJesu." Isambulo 12:17.

"Babusisiwe abahlanza izingubo zabo ukuba bathole ilungelo labo emthini wokuphila, bangene emzini ngamasango." Isambulo 22:14.

Izinkonzo eziningi, kanye nezindlela ezinye zokukhonza azililandeli ngokuphelele ibhayibheli. Zihlanganisa iqiniso kanye namasiko abantu.

Kodwa bangikhonza ngeze

befundisa izimfundiso eziyimiyalo yabantu." NgokukaMathewu 15:9.

Ukugcinwa kwesonto usiko lomuntu. Liqhamuka enkolweni yokukhonza kwelanga. Ukungafi komphefumulo akukho ebhayibheli. Ukubhaphathizwa kwabantwana akukho ebhayibheli. ukuBaphaphathizwa ngokufafazwa ngamanzi akukho eBhayibheli.

"Thina makatolika sinegunya elifanayo ukugcina isonto lingcwele, esikhundleni soMgqibelo, njengoba sinemibhalo esinayo ebizwa igunya noma ilungelo lebandla. Nina- ke eningama Prothestani aninalo ilungelo lalokho eBhayibheli (ukugcina isonto) futhi ngeke kuvumeleke, lokhu noma kuphi, empeleni yithi nani esivumelekele, landelani amasiko kulokho. Kepha siyakulandela sikholelwa ukuthi kuyizwi likaNkulunkulu, Ibandla lobukatolika yilo eliqokwe ukulinalakelela, lilandeleni. Niqiniseke ukuthi yilona eliwumgudu ofanele nomqondisi. Kwesinye isikhathi yenza umthetho kaNkulunkulu ungabi namthelela." (bacaphune Mathewu 15:6) The Brotherhood of St Paul. "The Clifton Tracts" Vol 4 tract 4, P.15.

"K u h l e u k u k h u m b u z a iPresbyterians, Baptists aMaweseli, kanye namanye amaKrestu ukuthi ibhayibheli alibasekeli ekhukhonzeni kwabo ngesonto. Isonto lamiswa Amakatolika labo abaligcinayo balandela umthetho wamakatolika Priest Body, kwidilesi eyabikwa e-Elizabeth N. J News ngo March 18,1903.

I PROTESTANTI IYAVUMA

Abafundi, nababhali nabanye abagcina iSonto njengosiko lwebandla kepha-ke banabo ubufakazi beSabatha leBhayibheli oluwusuku lwesikhombisa lweviiki (uMgqibelo) hayi iSonto. Isonto akulona usuku lukaNkulunkulu.

UBUPROTESTANTI BUYAKHULUMA

Ezamabandla: kucace ngokusobala ukuthi akukhathaliseki ukuthi silihlonipha kangakanani isonto, Kepha – ke asigcini iSabatha isabatha lasungulwa ngobungcwele. Singeze sawunxusela isonto lowomthetho... awukho nomugqa owodwa kwiTesamente entsha esenza sikuvume lokhu kugcinwa kwesonto. Dr. R.W.Dale, "Imithetho." P.106-107.

Lutheran free Church: "Akukho okungavezwa kususelwa emibhalweni eNgcwele efakazayo ngisho nangoNkulunkulu uqobo lwakhe noma abafundi bakhe ukuthi bagunyaza

ukuguqulwa kweSabatha libe iSonto, ngakho kwakungelula ukuphondula lombuzo: Ubani oguqule iSabatha, futhi ubani onelungelo lokwenza lokho?" George Svedrup, "A New Day."

Presbyterian: "Alikho igama eTestimanteni elisha lokuyeka ukusebenza ngeSonto. Ukugcinwa kolwesithathu lomlotha (Ash Wednesday)noma ulenti kufana ncamashi nokugcinwa kweSonto Ngokuphumula ngeSonto, awukho umthetho oNgcwele okufakazelayo." Canad Eytton, kwi-Imithetho elishumi.

Anglican: Yikuphi la Sitsishelwa khona emibhalweni ukuthi kumele sigcine usuku lokuqala? Siyalwe ukuba sigcine usuku lwesikhombisa; Kepha –ke asiyalwa ndawo ukuba sigcine usuku lokuqala. Isaac Williams, "Plain Sermons kwathetkizim." pp. 334, 336.

Amaweseli: kuyiqiniso ukuthi awukho umthetho wokubhaphathizwa kwabantwana, noma owokuba sigcine ngcwele usuku lokuqala lweviiki. Abaningi bakholelwa ukuthi uKrestu waliguqula iSabatha. Kepha emazwini akhe siyabona ukuthi wabe engazela lokho. Labo abakholelwa ukuthi uJesu waliguqula iSabatha bayacabangela nje." Theological Compendium, pp. 180-181.

Episcopalian: "Senze uguquko osukwini lwesikhombisa lwaba usuku lokuqala lweviiki umgqibelo waya kwiSonto.ngegunya loyedwa ongwele, lkatolika. Apostolic Church of Christ." Bishop Seymour, "kungani sigcina isonto."

Baptist: Ngiiyiqonda kahle ukuthi isonto leza namakhola akamuva. Sifunda kubaholi benkolo nakweminye imithombo. Okubuhlungu ukuthi liza nophawu lobuPhagani, lembathiswe igama lonkulunkulu-ilanga. Lase lithathwa lingcweliswa ubuPapa. Lase lihlonishwa ubuProthestanti." Dr. E.T. Hiscox, kwintshumayelo yakhe eBaptist Ministers Convention, eNew York Examine, November 16, 1893. Sesticaphune okuningi kumakatolika okuwa bufakazi bokuthi ngempela yibo abaguqula isabatha kwaba iSonto usuku lokuqala lweviiki ba yavuma futhi ukuthi yibo abeletha ukukhonza ngesonto kwaMaKrestu.

Sicaphunile kubafundisi bamaProtestanti nakubabhali abakubeke ngokucacile ukuthi kwiTestimende endala kanye nentsha umbhalo ofakazela ukukhonza ngesonto.

Isonto alikho ngcwele. Isonto njengosuku lokukhonza lavela ekukhonzeni kokokhonza ilanga.

Kungani niphula umthetho kaNkulunkulu ngamasiko enu?..... bazenzisi, waprofetha kahle ngani u- Isaya ethi: Lesisizwe singidumisa ngezindebe zomlomo, kepha inhliziyo yaso ikude nami; kodwa bangikhonza ngeze befundisa izifundiso eziyimiyalo yabantu...

Kepha waphendula wathi, yileso naleso sithombo esingatsalwanga uBaba wasezulwini siyakusishulwa.

Bayekeni; bangabaholi abayizimpumpethe; kepha nxa impumpethe ihola impumpethe, ziyakuyela emgodini zombili." Mathewu 15:3,7-9,13-14.

Isexwayiso mayelana nophawu lwesilo siyakuba semhlabeni wonke jikelele. Umlayezo uyakuba emsakazweni, kumabonakude, emaphephandabeni ezweni lonke emhlabeni wonke. UNkulunkulu uyopha umuntu nomuntu ilungelo lokukhetha lokugcina, ukumalela yena noma ukulela imithetho yabantu ephikisana nemithetho kaNkulunkulu.

"Emva kwalokho ngabona enye ingelosi yehla ezulwini inamandla amakhulu, nomhlaba wakhanyiswa ngokukhazimula kwayo.

Yamemeza ngezwi elinamandla yathi: Liwile, liwile iBiloni elikhulu, selibe yindawo yokuhlala amademoni, nendawo yokubopha bonke omya abangcolileyo, nendawo yokubopha zonke izinyoni ezingcolileyo nezizondekayo, ngokuba izizwe zonke ziphuzile iwayini lobufebe balo, namakhosi omhlaba afebile nalo, nabathengisi bomhlaba bazebile ngamandla okutamasa kwalo.

Ngase ngizwa elinye izwi livela ezulwini, lithi: Phumani kulo bantu bami, ukuze ningahlanganyeli nalo izono zalo, nokuba ningamukeli okwezinhluho zalo.

Ngokuba izono zalo zifinyelele ezulwini noNkulunkulu wakhumbula ukungalungi kwalo.

Buyisalani kulo njengalokhu lona likwenzile, niphinde kabili okwemisebenzi yalo; esitsheni elalixuba kuso, xubani kabili kuso;

Ngakho kuyakufika ngalolosuku lunye izinhluho zalo, ukufa nokulila, nendlala, futhi liyakushiswa liqedwe ngomlilo; ngokuba iNkosi uNkulunkulu elahlulelayo inamandla." Isambulo 18:1-6,8.

"Namakhosi omhlaba nezikhulu,

nezinduna, nabacebileyo, nabanamandla, nezigqila zonke, nabakhululekileyo, bacasha emihumeni nasemaweni ezintaba; base bethi ezintabeni nasemaweni: Welani phezu kwethu, nisisithe ebusweni balowo ohlezi esihlalweni sobukhosi nasolakeni lweWundlu, ngokuba usuku olukhulu lolaka lwabo selufikile; ngubani – ke onamandla okuma na?" Isambulo 6:15-17.

"Ngabona isilo namakhosi omhlaba, nezimpi zawo zibuthene ukulwa naye owayehlezi ehashini nempi yakhe. Isilo sase sibanjwa nomprofethi wamangaokanye naso owenza izibonakaliso, abadukisa ngazo abamukela uphawu lwesilo nabakhuleka kumfanekiso waso; labo bobabili baphonswa besezwa echibini lomlilo elivutha isibabule." Isambulo 19:19-20.

"Ngalolosuku ababuleweyo bakaJehova bayakusukela komunye umkhawulo womhlaba, baze bafike komunye; abayikukhalelwa, abayikumbelwa, bayakuba- ngumquba ebusweni bomhlaba." Jeremiya 25:33.

UNKulunkulu UyonaKekela Bonke Abamethembayo Nabamalelayo.

"Awuyikwesaba ivuso lasebusuku, nomcibisholo ondizayo emini, nobhadane oluhamba ebumnyameni, nesifo esibhubhisayo emini enkulu. Bayakuwa abayizinkulungwane ngaseceleni kwakho, nabayizinkulungwane eziyishumi ngakwesokunene sakho,... Awuyikwehlelwa ngokubi, nesifo asiya kusondela etendeni lakho.." Amahubo 91:5-7, 9-10.

"Emva kwalokho ngabona izingelosi izingelosi ezine zimi emagumbini omane omhlaba, zibamba imimoya yomine yomhlaba, ukuze kungavunguzi moya emhlabeni, nasolwandle, nakowodwa umuthi. Ngase ngibona enye ingelosi yenyuka empumalanga, inophawu lukaNkulunkulu ophilayo, yamemeza ngezwi elikhulu kuzo izingelosi ezine ezanikwa ukuba ziwone umhlaba nolwandle, yathi: Ningoni umhlaba, nolwandle, nemithi, size sizibeke uphawu zinceku zikaNkulunkulu wethu emabunzini azo." Isambulo 7:1-3.

"Kabasayikulamba, kabasayikoma, kabasoze bahlathiswa ilanga nakushisa kuni, ngokuba iWundlu elingaphakathi nesihlalo sobukhosi liyakubelusa, libaholele emithonjeni yamanzi okuphila; noNkulunkulu uyakwesula

izinyembezi zonke emehlweni abo." Isambulo 7:16 – 17.

"Wozani Bantu bami, ningene emakamelweni enu, nizivalele iminyango, nicashe ngokuphazima kweso, kuze kudlule ulaka. Ngokuba bhokani uJehova uyaphuma endaweni yakhe ukuba ahambele ububi babakhileyo emhlabeni; umhlaba uyakubonakalisa igazi lawo, ungabe usabasibekela ababuleweyo babo." Isaya 26:20-21.

"Ngase ngibona esinye isibonakaliso ezulwini esikhulu nesimangalisayo: izingelosi eziyisikhombisa zinezinhluho eziyisikhombisa zokugcina, ngokuba kwaphelaliswa ngazo ulaka kaNkulunkulu. Ngabona kungathi ulwandle lwengilazi luxubene nomlilo, nabavela ekunqobeni isilo nomfanekiso waso nesibalo segama laso bemi ngaselwandle lwengilazi, benamahabhu kaNkulunkulu. Bahlabelela igama likaMose inceku kaNkulunkulu negama leWundlu, bathi: Mikhulu iyamangalisa imisebenzi yakho, Nkosi Nkulunkulu, Mzinimandla onke; zilungile ziqinisile izindlela zakho wean – Nkosi yezizwe;" Isambulo 16:1-3.

"UDrako wamthukuthelela owesifazane, wamuka, wayokulwa nabaseleyo benzalo yakhe, labo abagcina imiyalo kaNkulunkulu nabanobufakazi bukaJesu." Isambulo 12:17.

"Ngalesosikhathi uMikayeli uyakuvela, isikhulu esiqhamileyo esimela abantwana babantu bakho; kuyakuba isikhathi sokuhlupheka esingazange sabakhona kusukela ekuveleni kwabantu kuze kube yilesosikhathi; ngalesosikhathi abantu bakho bayakukhululwa, bonke abafunyanwa belotshiwe encwdini. Abanigini abalele emhlabathini wothuli bayakuvuka, abanye bavukele ukuphila okungunaphakade, abanya ihlazo nokunengwa okungunaphakade." Daniyeli 12:1, 2.

Maphakathi nomhlaba kwabonakala umbani nokuduma, izwi leNdodana kaNkulunkulu limemeza abangcwele abalele. Ebheka emangcwabeni abangcwele, uyakuphakamisa isandla sakhe ezulwini, amemeze ngezwi elikhulu: 'Vukani, Vukani, Vukani, nina enilele othulini lomhlaba!...' Bephuma ekuboshweni endlini yokufa bembethe ukungaboli, bayakumemeza; " Kufa luphi udosi lwakho na? Thuna kuphi ukunqoba kwakho na?" I KwabaseKorinte 15:55, The Great Controversy , 644.

"Ngokuba iNkosi uqobo iyakwehla ezulwini ngezwi lenhlokomo, ngephimbo lengelosi enkulu nangecilongo likaNkulunkulu, nabafileyo kuKrestu bayakuvuka kuqala, khona thina, esisekhona sisaselesiyakuhlwithwa kanye nabo emafwini, sihlangebaze iNkosi emoyeni; kanjalo –ke siyakuba nayo iNkosi njalo." I KwabaseThesalonika 4:16-17.

"Ofakaza ngalezizinto uthi: Yebo, ngiyeza masinyane. Amen. Woza, Nkosi Jesu!" Isambulo 22:20.

"Ububisiwe, ungcwele onesabelo ekuvukeni kokuqala; ... bayakuba ngabapristi bakaNkulunkulu nabakaKrestu, babuse kanye naye iminyaka eyinkulungwane." Isambulo 20:6.

"Ngase ngibona izulu elisha nomhlaba omusha; ngokuba izulu lokuqala nomhlaba wokuqala kudlulile, nolwandle alusekho. Ngabona umuzi ongwele, iJerusalema elisha, wehla uvela ezulwinikuNkulunkulu, ulungisiwe njengomlobokazi ohlotshiselwe umyeni wakhe. Ngase ngizwa izwi elikhulu livela esihlalweni sobukhosi, lithi: Bheka itebernakela likaNkulunkulu likubantu; uyakuhlala nabo, babe ngabantu bakhe, yena uNkulunkulu abe nabo, azesule izinyembezi zonke emehlweni abo; ukufa akusayikubakhona; nokudabuka nokukhala; nobuhlungu akusayikuba – khona; ngokuba okokuqala kudlulile. Wayesethi ohlezi esihlalweni sobukhosi: Bheka ngenza konke kube kusha. Wathi: loba, ngokuba lawamazwi athembekile, aqinisile." Isambulo 21:1-5.

"Khona iNkosi izakuthi kwabangakwesokunene sayo: Zanini nina enibusisiwe ngubaba, nidle ifa lombuso eniwlungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba." Mathewu 25:34.

Uthando lukaNkulunkulu

UNKulunkulu uchazwa kanjani?
"UNKulunkulu uluthando" Johane 4:8.

Lukhulu kangakanani uthando lukaNkulunkulu ngomhlaba?

"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi kepha abe nokuphila okuphakade." NgokukaJohane 3:16.

Lubonakaliswe ngayphi indlela uthando lukaNkulunkulu

olungenamakhawulo?

“Uthando lukaNkulunkulu lubonakaliswa kithi ngalokho ukuthi uNkulunkulu wathumela ezweni indodana yakhe ezelwe yodwa ukuba siphile ngayo.” 1Johane 4:9.

UNkulunkulu wehlisela izibusiso zakhe kwabanjani?

“Ukuba nibe abantwana bakayihlo wenu osezulwini ngokuba yena uphumisa ilanga lakhe kwababi nabahle, anise imvula phezu kwabalungileyo nabangalungile.” NgokukaMathewu 5:45.

Uma sibuka uthando lukaNkulunkulu, yikuphi esingakulindela ngokuziqgaja?

“Yena ongayigodlanga indodana yakhe, kepha wayinikela ngenxa yethu sonke, kungaba kanjani angasiphi konke kanye nayo na.” KwabaseRoma 8:32

Yiliphi igama elilodwa elichaza isimilo sika Nkulunkulu?

“Ongathandiyo akamzi uNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu uluthando.” 1Johane 4:8.

Ingabe kukhona yini okungahlukanisa umtwana kaNkulunkulu othandweni lwakhe?

“Ngiyakholwa ukuthi nakufa, nakuphila, nazingelosi, nababusi, nakho okukhona, nakho okuzayo, namandla, nakuphakama, nakujula, nanto enye edaliweyo akuyikuba namandla okusahlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKrestu Jesu iNkosi yethu.” KwabaseRoma 8:38, 39.

Abangcwele bayodumisa bani ingunaphakade na?

“Kuye osithandayo nowasikhululayo ezonweni zethu ngegazi lakhe...kuye makube inkazimulo namandla kuze kube ngunaphakade ameni.” Isambulo 1:5-6.

Kuthiwani ngobumnene bukaNkulunkulu na?

“Kepha wena Nkosi unguNkulunkulu ohawukelayo, onomusa, nokubekezela, uvame ubumnene nokuthembeka.” Amahubo 86:15.

Kungani uKrestu esitshela ukuba sithande izitha zethu?

“Kepha mina ngithi kini; thandani izitha zenu, nibabusise abanikalekisa, nibaphathe kahle abanizondayo, nibakhulekele abanizingelayo. Ukuba nibe abantwana bakaYihlo osezulwini, ngokuba yena uphumisa ilanga lakhe phezu kwabahle nababi, anise imvula phezu kwa balungile nabangalungile.” Mathewu 5:44 – 45.

UKUKHONZA EZINKONZWENI EMAKHAYA

Le libhukwana lindlulisa umlayezo wokuthi umhlaba, ikakhukazi amakholwa, ayobhekana nenselelo yokuba angasebenzi luthi ngesonto okuwusuku lokuqala lweviki. Bakhonze ngalolusuku lobuPapa olungamiswanga yibhayibheli. Uma ukulandela lokhu uyokwamukela uphawu lwesilo ebunzini lakho. Uma uzokhonza ngosuku lwesikhombisa, isabatha (umgqibelo) okuwusuku oluyisikhumbuzo sendalo kaNkulunkulu oluchazwa emthethweni wesine. (Eksodusi 20:8 Genesisi 2:1-3), uyokwakela uphawu lukaNkulunkulu ebunzini lakho bese uphila ingunaphakade. Amabandla amaningi nabafundisi nabatnu baphendukela kuleliqiniso elichazwayo kulencwadi bese begcina imithetho kaNkulunkulu. Emva kokunikeza lomlayezo ebandleni lakho bese bengawamukeli, siyanxusa ukuba uzehlukanise neBhabhiloni (Isambulo 18;) bese ufuna ibandla elishumayela lesisigijimi, umalingekho ungakhonza ekhaya lakho. Mema umndeni, abangani kanye nomakhelwane nize nigcine niyiqoqwana lamakholwa abazokholelwa kulemithetho kanye nawe. Nibe yilabo abazoma esisekelweni semithetho elishumi kaNkulunkulu. Uma kunjalo niyokwazi ukusho isithembiso sikaKrestu ukuthi. **“Ngokuba lapho kubuthene ababili noma abathathu egameni lami ngikhona lapho phakathi kwabo.”** NgokukaMathewu 18:20.

Ihora Lokwahlulela KukaNkulunkulu

Yimuphi umyalezo othusayo onikeziwe kwiSambulo 14:7?

“Mesabeni uNkulunkulu nimnike inkazimulo ngokuba ihora lokwahlulela kwakhe selifikile, nikhuleke kuye owenza izulu nomhlaba nolwandle nemithombo yamanzi.”

Linini ihora lokwahlulela kwakhe?

“Wathi kimi koze kube yizikhathi zokuhlwa nokusa eziyizinkulungwane ezimbili namakhulu amathathu, bese ihlanjululwa indlu engwele.” Daniyeli 8:14. (bheka ishadi).

Qaphela- usuku lokubuyisana LwamaJuda lwaluba ngosuku lwashumi enyangeni yesikhombisa, ngalesosikhathi indawo engcwele yayihlanzwa. Lolusuku lokubuyisana amaJuda abe elibuka njengosuku lokwahlulela, kodwa ke empeleni bekuqala ukucwaningisiswa kokwahlulela ezulwini. Iminyaka engu-2300 ngokwesiprofetho ifinyelela ekuhlanzweni kwendawo engcwele ezulwini noma ukuhloliswa kokwahlulela. Umkhosi owabe wenziwa amaJuda wokuhlanzwa kwethempeli wapheliswa kuKrestu. Njengoba lolusuku lokubuyisana amaJuda abe eluthatha njengosuku lokwahlulela, ngakho-ke nomsebenzi kaKrestu wokubuyisana uyobandakanya ukwahlulela kwabantu bakhe ngaphambi kokuzakwakhe kwesibili.

Yini esiqinisekisa ukuthi

kuyoba nokwahlulela?

“UNkulunkulu... umisile usuku azakwahlulela ngalo izwe.” Ilenzo 17:30-31.

Ingabe ukwahlulela kwabe kusase ingomuso ngesikhathi sikaPawule na?

“Esakhuluma ngokulunga, nangokuzithiba, nangokwahlulela okuzayo, uFeliksi washaywa luvalo.” Ilenzo 24:25.

Siyohlulelwa ngani?

“Izincwadi zavulwa, nanye incwadi yavulwa, ngeyokuphila, nabafileyo bahlulelwa ngalokho ngokwemisebenzi yabo.” Isambulo 20:12.

“Mesabeni uNkulunkulu nimnike udumo nenkazimulo ngokuba ihora lokwahlulela kwakhe selifikile.” Isambulo 14:7.

QAPHELA-Kunezigaba ezintathu ezichaziwe zokwahlulela eMibhalweni: Ukwahlulela kokucwaningisisa okwenzeka manje ngaphambi kokuba uJesu abuye, ukwahlulelwa komhlaba odukile kanye nezingelosi ezingalungile nguKrestu kanye nabalungile ngesikhathi seminyaka eyinkulungwane emva kokubuya kukaJesu. Okokugcina ukukhishwa kwesigwebo sababi bese kuvalwa ukwahlulelwa.

Ukwahlulela kokuhlunga kwenzeka ezulwini ngaphambi kokuba uJesu abuye ukuze kwazeke ukuthi obani abanesabelo ovukweni lokuqala, nxa ebuya. Nikuthi obani kulabo abazobe bephila okumelwe baguqulwe ngokuphazima kweso, ngokukhala

kwecilongo. Kubalulekile ukuba lokhu kuthathe indawo ngaphambi kokubuya kwesibili kukaKrestu, ngokuba ngeke sibe khona isikhathi sokwenza lokhu phakathi kokuza kwakhe kanye nokuvuka kwabalungileyo. Ukwahlulela kokugcina kwababi kwenzeka emva kokuba amacala abo esecwaningisisiwe ngabangwele ngesikhathi seminyaka eyinkulungwane. Isambulo 20:4-5, 1kwabasekorinte 6:1-3, ukwahlulela kokuhlungwa yilokho okumenyezela emhlabeni ingelosi kuSambulo 14:6-7.

Ukrestu njengomeli wethu yikuphi akuqinisekisa phambi kukaNkulunkulu kanye nezingelosi?

“Onqobayo uyakwembathiswa kanjalo izingubo ezimhlophe, negama lakhe angisoze ngalesula encwadini yokuphila, negama lakhe ngiyakulivuma phambi kukaBaba nezingelosi zakhe.” Isambulo 3:5 bona Mathewu 10:32-33, Marku 8:38

Qaphela ngaleso sikhathi sokwahlulela kokuhlungwa abalungileyo kanye nababi bonke basamangcwabeni abo. Yonke imisebenzi yokuphila kwabo isezincwadini zasezulwini.

Ukubuya Kwesibili kakaJesu

Yisiphi isithembiso uJesu asenza maqondana nokuza kwakhe?

“Inhliziyo yenu mayingakhathazeki kholwani kuBaba nikholewe nayimi, ekhaya likaBaba kunezindlu eziningi, una bekungenjalo, bengiyakunitshela ngiya ukunilungisela indawo, ngobuya futhi nginamukele ukuba lapho ngikhona nibe khona nani.” NgokukaJohane 14:1-3.

Yini elandela izibonakaliso zokuza kukaKrestu?

“Khona bayakuyibona iNdodana yomuntu iza efwini, inamandla nenkazimulo enkulu.” Luka 21:27.

Ingabe ukukhuluma ngokuthula emhlabeni kuyodala ukuvikeleka kwamanga na?

“Nazi kuqala lokhu ukuthi ngezinsuku zokugcina kuyakufika abahleki abahleka usulu, behamba ngezinkanuko zabo bethi: siphi isithembiso sokuza kwakhe na? Ngokuba selokhu obaba balala konke kumi kunjalo njengasekuqaleni kokudalwa.” 2kaPetrus 3:3-4.

“Ngokuba nina uqobo niyazi ukuthi usuku lweNkosi luza njengesela ebusuku, nxa bethi ukuthula nokuhlala kahle, ukubhujiswa kuyakubazuma...



Iminyaka engu-2300 ngokwesiprofetho sikaDaniyeli kwakufanele ifinyelele ekuqaleni kokukhishwa komyalo wokuvuselela iJerusalem kuze kube sesikhathini sokuhlazwa kwendawo engwele. **457BC** – U-Artaxas inkosi yasePersia, yanxusa ukuba kwakhiwe kabusha iJerusalem. (Daniyeli 9:24, Ezra 6:1,6-12) ukuqala kuka 2300 weminyaka. **408BC** – ukuvuselelwa kweJerusalem kwabe sekuya ngasemaphethelweni ngesikhathi seminyaka engu-49 kaDaniyeli umprofethi umbenzi waphela ngo-408BC (Daniyeli 9:25).

AD27 – Ukugcotshwa kukaJesu ngoMoya Ongcwele kanye nokubhaphathizwa kwakhe, waqala ukufundisa nokushumayela. Bona Mathewu 3:16, Izenzo 10:38, kusukaku-457BC – kuyaku – 483 weminyaka. **AD31** – U-Mesiya wahlukaniswa phakathi kweviki, AD31- emva kweminyaka emithathu nengxenyi emsebenzini wevangeli. Bona Daniyeli 9:27; Mathewu 27:50 -51. Leminyaka emithathu esele kanye nengxenyi yeviki leshumi nesikhombisa isiletha ekupheleni kweminyaka

kepha nina bazalwane anikho ebumnyameni, ukuze lolosuku lunifice njengesela.” 1KwabaseThesalonika 5:2-4.

Ekwenyukeni kwakhe eya ezulwini, ukubuya kwakhe kwathenjiswa ukuba kuyoba njani?

“Bathi besagqolozela ezulwini emuka bheka, amadoda amabili ayemi kubo, embethe izingubo ezimhlophe athi:Madoda asegalile nimeleni nibheka ngasezulwini na? uJesu lona osuswe kini enyuselwa ezulwini, uyakuza kanjalo, njengalokho nimbonile eya ezulwini.” Izenzo 1:10-11.

Ingabe umhlaba wonke uyolungiselela ukuhlalana naye?

“Bhekani uyeza namafu, namehlo onke ayakumbona nabo abamgwazayo, nezizwe zonke zomhlaba ziyakulila ngaye yebo ameni.” Isambulo 1:7.

“Namakhosi omhlaba nezikhulu... bathi ezintabeni nasemaweni, welani phezu kwethu nisisithe ebusweni balowo ohlezi esihlalweni sobukhosi nasolakeni lwewundlu.” Isambulo 6:15-16.

Ingabe ukuza kukaKrestu kuyoba isikhathi semivuzo?

“Ngokuba iNdodana yomuntu iyokuza ngenkazimulo kayise kanye nezingelosi zayo, khona-ke iyakuvuza yilowo nalowo ngesenzo sakhe.” Mathewu 16:27. “Bheka

ngiyeza masinyane, nomvuzo wami unami, ukumnika yilowo nalowo ngokwemisebenzi yakhe.” Isambulo 22:12.

Obani abathenjijiswe usindiso ekubonakaleni kwesibili kukaKrestu?

“Kunjalo noKrestu esenikelwe kanye ukuba athwale izono zabaningi, uyakubonakala ngokwesibili ngaphandle kwesono kulabo abamindileyo, kube ngokusindiswa.” kumaHeberu 9:28.

Linamuphi umthelela lelithemba empilweni?

“Siyazi ukutthi nxa ebonakaliswa, siyakuba njengaye, ngokuba siyakumbona njengokuba enjalo.” 1 kaJohane 3:2-3.

UPawulu uyowamukela nini umqhele wakhe?

“Sengibekelwe umqhele wokulunga eyakungipha wona ngalolosuku iNkosi, umahluleli olungileyo, kungeyimi ngedwa, kepha bonke abathandile ukubonakala kwayo.” 2Thimothewu 4:8.

Indlela uKrestu ayoza ngayo

Ekwenyukeni kwakhe, izingelosi zathi uyokuza kanjani futhi?

“Kwathi eseshilo lokho wakhushulwa bebuka: ifu lamsusa emehlweni abo. Bathi begqolozela ezulwini emuka, bheka, amadoda amabili ayemi kubo,

embethe izingubo ezimhlophe, athi; Madoda aseGalile, nimeleni nibheka ezulwini na? uJesu lo osuswe kini enyuselwa ezulwini, uyakuza kanjalo, njengalokho nimbonile eya ezulwini.” Izenzo 1:9-11.

uKrestu wathi uyoza kanjani?

“Ngokuba iNdodana yomuntu iyakuza ngenkazimulo kaYise kanye nezingelosi zayo, khona-ke iyakuvuza yilowo nalowo ngesenzo sakhe.” Mathewu 16:27. “Khona kuyakubonakala ezulwini isibonakaliso sendodana yomuntu, bese zikhala izizwe zonke zomhlaba, zibona indodana yomuntu iza emafwini ezulu, inamandla nenkazimulo enkulu.” Mathewu 24:30.

Yisiphi isexwiso uJesu asinika maqondana ne zimfundiso zamanga?

“Khona uma bethi kini: Bhekani, usehlane, ningaphumi, noma bethi: Bhekani usendlini, ningakholwa, ngokuba njengonyazi luphuma empumalanga, lubonakale kuze kube sentshonalanga, kuyaku njalo ukufika kwendodana yomuntu. Ngokuba kuyakuvula okristu bamanga nabaprofethi bamanga, baveze izibonakaliso ezinkulu nezimangalis, ukuze kudukiswe nabakhethiweyo uma kungenzeka. Bhekani senginitshelle ngaphambili.” Mathewu 24:23-26.

Ukuza kwakhe kuyobonakala lanjani?

“Ngokuba njengonyazi luphuma empumalanga, lubonakale kuze kube sentshonalanga, kuyaku njalo ukufika kwendodana yomuntu.” Vesi 27.

Kwenzakalani nxa sekukhala icilongo?

“Ngokuba iNkosi uqobo iyakwehla ezulwini ngezwi lenhlokomu, ngephimbo lengelosi enkulu nangecilongo likaNkulunkulu, nabafileyo kuKrestu bayakuvuka kuqala.” 1KwabaseThesalonika 4:16.

Yikuphi ukwahlukana okuyokwenzeka?


“Kepha iNdodana yomuntu nxa iza ngenkazimulo yayo nezingelosi zonke ezigcwele kanye nayo, khona iyakuhlala esihlalweni sayo senkazimulo, kuzakubuthelwa phambi kwayo izizwe zonke, ibahlukanise abanye kwabanye, njengomalusi ehlukana izimvu nezimbuzi.” Mathewu 25:31-32.

Uyakuthini kwabanga-kwesokunene sakhe?

“Khona iNkosi izakuthi kwabangakwesokunene sayo: Zanini nina enibusisiwe ngubaba, nidle ifa lombuso eniwlungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba.” Vesi 34.

Uyakuthini kulabo abangakwesokunxele?

“Khona iyakuthi kwabangakwesokhohlo: Dedani nina baqalekisiweyo, niye emlilweni



engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalolunye owawunikezwe kusizwe samaJuda. **AD34** – Ukubulawa kuka STEFANI, Ngalesosikhathi ivangeli labe selishunyayelwa kwabezizwe. Bona Daniyeli 9:24, Izenzo 7:54-8:1. Kusukela ku 457BC kuya esikhathini samaGriki, u 490 weminyaka noma amaviki angu - 70. **AD1844** – Umlayezo wezingelosi ezintathuku iSambulo 14:6-12 wasabalala umhlaba wonke ngaphambi kokubuya kukaKrestu. **AD1844** – Ukuphela kuka2300 weminyaka, ukuhlanzwa kwendawo engcwele ezulwini nangehora lokwahlulela kukaNkulunkulu.bona uDaniyeli 8:14 Isambulo 14:7.

ophakade olungiselwe uSathane nezingelosi zakhe.” Vesi 41.

Inkosi iyakubanjani kubantu bayo ngaleso sikhathi?

“UJehova uyakuduma eseSiyoni, azwakalise izwi lakhe eJerusalema izulu nomhlaba kuyamazama, kepha uJehova uyisiphephelo sabantu bakhe nenqaba yabantwana bakwalsrayeli.” Joweli 3:16, Hagai 2:21, KumaHeberu

12:26, Amahubo 91:5-10.

UPawulu uthini ngalokhu kubuya kukaJesu?

“Uyakubonakala ngokwesibili ngaphandle kwesono kulabo abamlindeleyo,kube ngukusindiswa.” KumaHeberu 9:28.

Yimiphi imibhalo enika incazelo ngeminyaka eyinkulungwane?

“Ngase ngibona izihlalo zobukhosi

bahlala kuzo, banikwa ukwahlulela... baphila babussa kanye noKrestu iminyaka eyinkulungwane.” Isambulo 20:4.

Kwenzakalani kwababi nxa uKrestu eza?

“Njengokuba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo nasemihleni yendodana yomuntu. Babedla, bephuza, beganwa,

Ukuqala kweminyaka eyinkulungwane

- 1.Ukuphela kwezinhluho eziyisikhombisa.
- 2.Ukubuya kwesibili kukaJesu.
- 3.Abafileyo abangcwele bayavuswa.
- 4.Ababi bayabhubha uSathane uyaboshwa.
- 5.Abalungileyo benyukela ezulwini.

Iminyaka eyinkulungwane iyisikhathi esikhulu sokuphumula sikaNkulunkulu. Iminyaka eyinkulungwane yokuphumula komhlaba kanye nabantu bakaNkulunkulu emva kokukhandleka iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha. Ilandela ukuvalwa kokuhanjiswa kwevangeli,yandulele ukumiswa okungunaphakade kombuso kaNkulunkulu emhlabeni.Igcwalisela emibhalweni ababekhuluma ngayo bethi; “usuku lukaNkulunkulu.”

Ezinhlangothini zonke leminyaka eyinkulungwane ikakwe uvuko.

Ukuqala kwayo kuboniswa ukuqala kwezinhluho eziyisikhombisa, ukubuya kwesibili kukaJesu, ukuvuka kwabangcwele, ukuboshwa kukaSathane, nokuthathwa kwabangcwele beya ezulwini nokuphela kwawo,

Ukuphela kweminyaka eyinkulungwane

- 1.Ukrestu nabangc wele bayehla ezulwini.
- 2.Umuzi ongwele uyehla nawo.
- 3.Abafileyo abbi bayavuswa.
- 4.Usathane uyavuswa.
- 5.Ababi bayabhubhisa.

ngokwehla kweJerusalema entsha eoKrestu kanye nabangcwele abavela ezulwini,ukuvuka kwababi, ukukhululwa kukaSathane kanye nokubhujiswa kwababi.

Ngesikhathi seminyaka eyinkulungwane umhlaba usala ungenalutho, uSathane nezingelosi zakhe bayaboshwa,uKrestu nabangcwele bahlala ezihlalweni zokwahlulela ababi balungiselela isigwebo sokugcina.

Abafileyo ababi bayavuswa, uSathane uyakhululwa isikhashana, yena kanye nababi bakaka ikamu labangcwele. Umlilo wehla uvela ezulwini kuNkulunkulu wabaqeda. Nomhlaba wahlanzwa ngalawomlilo ozobhubhisa ababi, umhlaba omusha bese uba ikhaya labangcwele ingunaphakade.

Iminyaka eyinkulungwane iseza. Ukuphela kwayo kuyosho ukuqala komhlaba omusha.

bendiswa, kwaze kwafika usuku uNowa angena ngalo emkhunjini, kwafika uzamcolo, wababhubhisa bonke kanjalo njengokuba kwenzeka emihleni kaLoti...kepha ngosuku Uloti aphuma ngalo eSodoma lana umlilo nesibabule kuvela ezulwini, kwababhubhisa bonke, kuyakuba njalo ngosuku eyakwambulwa ngalo iNodana yomuntu.” Luka 17:26-30.

Iminyaka eyinkulungwane iyaqala

Lungaki uvuko olukhona?

“Ningamangali ngalokho, ngokuba isikhathi siyeza, lapho bonke abasemathuneni bayakulizwa izwi layo, abenze ukulunga baphumele ekuvukeni kokuphila abenze okubi ekuvukeni kokulahlwa.” Ngokuka-Johane 5:28-29.

Yibaphi abanesabelo ovukweni lokuqala?

“Ubusiwe ungwele onesabelo ekuvukeni kokuqala, kulabo ukufa kwesibili akunamandla.” Isambulo 20:6

Usathane uyoboshwa isikhathi esingakanani lapha emhlabeni?

“Ngase ngibona ingelosi yehla ezulwini, iphethe isihluthulelo sakwalasha, neketanga elikhulu ngesandla sayo, yambamba udrako, inyoka endala, ongumhlebi noSathane, yambopha iminyaka eyinkulungwane, yamphonsa-ke kwalasha, yamvalela phakathi, yamqinisa ngophawu ngaphezu kwakhe, ukuze angabe esadukisa izizwe, ize iphele iminyaka eyinkulungwane.” Isambulo 20:1-3.

Emva kweminyaka eyinkulungwane kwenziwani ngosathane?

“Emva kwalokho kumele athukululwe isikhashana.” Vesi 3.

Abalungileyo bayavuswa ekubuyeni kukaKrestu, ababi bona bayovuswa nini?

“Abafileyo ababesele kabaphila yaze yaphela iminyaka eyinkulungwane.” Vesi 5.

Uma ababi bevuswa Usathane uyoqala enzeni?

“Nxa isiphelile iminyaka eyinkulungwane, uSathane uyakukhululwa etilongweni lakhe, aphumelele ukudukisa izizwe ezisemagumbini omame omhlaba, oGogi noMagogo, azibuthele ekulweni ezimumo wazo ungangesihlabathi solwandle.” Isambulo 20:7-8.

Ababi bahlala ukulwa nobani, emva kwalokhu umphumela uba yini?

BHEKANI

Uyeza

“Zasezikhuphukela ngaphezu kobubanzi bomhlaba, zakaka ikamu labangcwele nomuzi othandiweyo; kwehla umlilo uvela ezulwini, wazidla waziqeda.” Vesi 9.

Kuyoba nhloboni yokufa lokhu?

“Abazakunikwa isijeziso esingukubhujiswa okuphakade.” 2Thesalonika 1:9.

Ikhaya labahlengiweyo

Umhlaba wadalwa ngasiphi isizathu?

“Ngokuba usho kanje uJehova owalidala izulu, onguNkulunkulu, owabumba umhlaba, wawenza wawumisa, engawudalelanga ize, wawubumba ukuba kuhlalwe kuwo.” Isaya 45:18.

UNkulunkulu uwunikeze bani umhlaba?

“Izulu liyizulu likaJehova, kepha umhlaba wawunika abantwana babantu.” Amahubo 115:16.

Umuntu wadalwa ngayiphi injongo?

“Wamenza ukuba abe ngumbusi phezu kwemisebenzi yezandla zakho, konke wakubeka phansi kwezinyawo zakhe.” Amahubo 8:6.

Nxa umuntu elahlekelwa amandla akhe okubusa wabe esewabeka kubani?

“Ngokuba ahlulwa yikho uyisigqila sakho.” 2KaPetrus 2:9.

Qaphela- Umuntu wanqotshwa nguSathane ensinini yase Edeni lapho wanikela nakho konke ayenakho ezandleni zesitha.

Ekulingeni kwakhe uJesu,

yikuphi lokhu usathane athi ungumbusi kukho?

“Esemnyusela entabeni ende wambonisa imibuso yonke yezwe ngomzuzwanyana, uSathane wathi kuye: Amandla onke lawa ngokunika wena kanye nankazimulo yawo, ngokuba inikwe mina, futhi ngiyinika noma ubani ngokuthanda kwami.” Luka 4:5-6.

Kungani uJesu ethi abamnene babusisiwe?

“Babusisiwe abamnene ngokuba bayakudla ifa lomhlaba.” Mathewu 3:5.

Yini eyabonwa nguJohane embonweni?

“Ngabona umuzi ongwele, iJerusalem elisha, wehla uvela ezulwini kuNkulunkulu, ulungisiwe njengomlobokazi ohlotshiselwe umyeni wakhe.” Isambulo 21:2.

Izidingo zabo ziyokweneliswa na?

“Kuyakuthi bengakabizi mina ngiphendule, besakhuluma mina ngiyakuzwa,” Isaya 65:24.

Bayophila esimweni esinjani?

“Impisi iyakudla ndawonye newundlu, ingonyama idle utshani njengenkomo, uthuli lube ngokudla kwenyoka, aziyikulimaza zingachitghi kuyo intaba yami engcwele.” Vesi 25.

Yisiphi isikhathi sokukhonza esiyogcinwa emhlabeni omusha?

“Ngokuba njengokuba izulu elisha nomhlaba omusha engiyakukwenza kuyakuma phambi kwami, usho uJehova, kanjalo kuyakuma inzalo yakho negama lakho, kusukela

ekuthwaseni kwenyanga kuye kwenye, kusukela kwelinye isabatha kuyhe kwelinye yonke inama iyakufika ukukhuleka phambi kwami; usho uJehova.” Isaya 66:22-23.

IJerusalem entsha

UJohane wawubona unjani lomuzi?

“Ngabona umuzi ongwele, iJerusalem elisha, wehla uvela ezulwini kuNkulunkulu, ulungisiwe njengomlobokazi ohlotshiselwe umyeni wakhe.” Isambulo 21:2.

Lomuzi unezisekelo ezingakhi?

“Ugange lomuzi lwalunezisekelo eziyishumi nambili, naphezu kwazo amagama ayishumi nambili abaphostoli ab ayishumi nambili bewundlu.” Vesi 14.

Yini engeke ibe khona kulomuzi?

“Akusoze kwangena lutho olungcileyo kuwo nowenza amanyala namanga.” Isambulo 22:1.

Yini esemaceleni omabili omfula?

“Phakathi kwesitaladi sawo nomfula emaceleni omabili kukhona umuthi wokuphila, uthela izithelo eziyishumi nambili, uthela izithelo zawo izinyanga ngezinyanga, namaqabunga omuthi angawokuphulukisa izizwe ngezizwe.” Vesi 2.

Imigwaqo yalomuzi yenziwe ngani?

“Isitaladi somuzi sasiyigolide elicwengekileyo, linjengengilazi ekhanyayo.” Isambulo 21:21.

Kungani kungekho ilanga noma inyanga?

“Umuzi awwudingi ilanga nenyanga ukuba kukhanye kuwo, ngokuba inkazimulo kaNkulunkulu iyawukhanyisa nesibani sawo siyiwundlu. Izizwe ziyakuhamba ekukhanyeni kwawo, namakhosi omhlaba aletha kuwo ubukhosi bawo.” Vesi 23-24.

Ubani oyakuvunyerlwa ukungena kulomuzi?

“Babusisiwe abahlanza izingubo zabo ukuba bathole ilungelo labo emthini wokuphila, bangene emzini ngamassango. Isambulo 22:14.

“Impi enkulu isiqediwe. Isono nezoni akusekho. Indalo, umhlaba wonke usuhlanzekile. Umoya wokuzwana kanye nenjabulo uheleza yonke indawo. Kuye odale konke kuchichima impilo, ukukhanya kanye nenjabulo emhlabeni ongenamkhawulo. Ngomzuzwana ngesikhashana ndawo zonke konke kuba kuhle, ngenjabulo ephelele kuyasho ukuthi uNkulunkulu uluthando.” The Great Controversy 628.

View, Read, or Print Books:

www.sabbathtruth.com
www.worldincrisis.org

www.earthsfinalwarning.com
www.peacefinders.org

www.bible-sabbath.com
www.evolutionfacts.com

Thumela imibono, izicelo noma imibuzo kwidilesi eseduze nawe

RLMedia

32 Ceres Str, Comptonville, Johannesburg, South Africa

www.rlmedia.co.za

+27(0)836254786